


# UKUKHOLWA

## NGUKUNQOBA KWETHU

 Kuyinhlanhla ukuba lapha kulobusuku enkonzweni yeNkosi. Kodwa impela kuyinto edabukisayo ukuthi abantu angeke babe nendawo yokuhlala phansi, emva kokuba sibamemile ukuba beze, bese kuthi-ke ayikho indawo yokuhlala. Futhi lapho ngikhuphuka, khona manje, ngani, bekukhona abantu abazungeze amafasitela, futhi behla benyuka ezitaladini, kanjalonjalo. Futhi ayi—ayikho ngisho indawo kubo ukuba babe se-...bangene esakhiweni. Kodwa nje yibandla elincanyanya.

<sup>2</sup> Asizange siyikhangise. Futhi ngisho nasephepheni lapha, sivele nje...O, abanye babangani bethu beshaya izingcingo, bekhuluma ngokuza bezokhulekelwa. Futhi sibatshelile ukuthi beze nje. Ngakho-ke izindaba ziqale ukuzungeza kancane kancane, omunye umuntu ufikile evela eLouisville, wase-ke etshela omunye umuntu, nomunye umuntu. Niyazi, kuzungeza kanjalo-ke.

<sup>3</sup> Bengifuna ukuthola isikole esiphakeme ezansi lapha. Kodwa ba...angikwazanga ukusithola ngenxa yokuthi bekufundwa. Noma, khona-ke besizoyikhangisa. Sifuna abantu, abantu bendawo bazi ukuthi besingazami ukuniphushela kude nayo, kodwa besazi nje ukuthi igumbi belilibi kakhulu. Ngakho thina, ukuba nje besingathola isikole esiphakeme, besizokwenza kanjalo, kodwa asikwazanga.

<sup>4</sup> Ngakho, manje, kulobubusuku kuzoba ubusuku bokugcina bezincwadi ezingemuva, uMnu. Mercier nabo abanazo lapha, namateyipu nokunye nokunye.

<sup>5</sup> Bese kuthi-ke kusasa ekuseni uSonto sikole. Futhi masinyane emva kokuba uSonto sikole ethatha indawo yawo, iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngentshumayelo yokuvangela, kusasa ekuseni. Lokho kuzoqala ligamenxe elesishiyagalolunye, ngiyacabanga, akunjalo, Mfowethu Neville na? Ngokugamanxa kwehora lesishiyagalolunye, uSonto sikole uyaqala. Futhi masinyane emva kwamakilasi kaSonto sikole, sifuna ukukhuluma ngendaba yo—somlayezo wokuvangela, ukubizwa kweso. Futhi lobubusuku besinikela kakhulu, kusukela ngeSonto eledlule ebusuku, kwabagulayo nabadingayo, abahluphekile.

<sup>6</sup> Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, sizozama uku, uma singakwazi, nganoma iyiphi indlela, ukuthatha wonke amakhadi omkhuleko akhishiwe, ukuthi wonke umuntu

ofikile futhi wathola amakhadi omkhuleko, si... emva kokuba umlayezo usuphelile, uma sizodingeka sibadedele abanye babuyele emuva, bese-ke sikhuphula abanye, ukuze sikwazi ukuhambisa umugqa womkhuleko, sizojabula ukukwenza.

<sup>7</sup> Futhi amakhadi omkhuleko akusasa ebusuku azonikezelwa ngemuva kukaSonto sikole ekuseni. Ngemuva nje ngqo kukaSonto sikole, kube cishe, mhlawumpe, ligamenxe eleshumi nanye, ukuthi a—amakhadi omkhuleko azonikezelwa, kusasa. Ngakho nina eninabathandiweyo benu, nokunye nokunye, ozela ukuzokhulekelwa, kungani, yibani nabo lapha cishe, okungenani ligamenxe eleshumi nanye, uma bengeke babekhona eMlayezweni wasekuseni.

<sup>8</sup> Okusho ukuthi, uma une—nendawo yokukhonza, obukade uya kuyo, ngani, angeke si—sikudonse usuke lapho nhlobo. Sizofuna nje ukuthi uzizwe ukhululeke ngempela ngalokho obuzokwenza.

<sup>9</sup> Bengimatasatasa kabi namhlanje. Futhi emizuzwini embalwa edlule nje, bayeza, bathi, “Awu, uma uqhubeka wehla, ungaqala ukushumayela khona manje.” Beku, vele, itabernakele elincane beligcwele. Ngakho ngicabangile ngamavesi ambalwa ebengicabanga ukuthi ngizokhuluma ngawo, kulobubusuku.

<sup>10</sup> Futhi ngifuna ukubonga iNkosi, kuqala, ngakho konke Esenzele khona. Leyo mibiko ibuya kulabo abakhulekelwe, futhi abakade besemhlanganweni. Izinto ezinkulu zenekile, okwalendawo encane nje lapha. Futhi akungaphezu kunoma kuzofanele kwenyuke futhi kukhulekelwe ngokomuntu siqu, kodwa ngokubonakalayo kungukuthi abantu emuva ezethamelini bakuthola kangcono kunalokho abayikho phezulu lapha emsamo. Ngakho siyajabula ngalokho. Kuhle kakhulu lokho, ukubabona bekuthola kanjalo.

<sup>11</sup> Manje, kulobubusuku, ngikhethe okwendikimba: *Ukukholwa Kungukunqoba Kwethu*. Futhi ngifisa ukufunda ingxenye yomBhalo etholakala kuJohane wokuQala, isahluko 5 nevesi 4.

*Ngokuba konke okuzelwe nguNkulunkulu  
kuyalingqoba izwe: lokhu kuyinqobo enqobe izwe,  
ukukholwa kwethu.*

<sup>12</sup> Manje, amaZwi amangalisayo kanjalo! Ukukholwa kwethu kungunqoba. Futhi manje, ukukhuluma ngokunqoba. Kube khona ukunqoba okukhulu okuningi okunqotshiwe kulokhu kweluleka okude kweminyaka ukuthi ubuntu bebukade busemhlabeni.

<sup>13</sup> Ngangifunda incwadi ngokuzinikela kwe—kweParis, ukuthi lapho, kulena yokugcina, noma iMpi yesiBili yoMhlaba, ukuthi ngenkathi uHitler wayelethwe eParis, e-Ark of Triumph, bayasho ukuthi kwakungukunqoba okukhulu kwaze kwathatha amahora ukuba lawo masosha aseJalimane emasha

ngesinyathelo samabutho, edabula ngqo e-Ark of Triumph. Ngenkathi uHitler wayemile ekunakeni futhi umoya wonke wawumnyama, phezulu, izibhakabhaka zavalwa, ngezindiza zihamba ngaphezulu. Isikhathi esinje sokunqoba, ukuthi ngemuva kokuthi sebenqobe impi phezu kweFransi, neFransi yazinikela eJalimane.

<sup>14</sup> Kwasekuthi-ke eLandani, eNgilandi, ngaba nenhlanhla kanye yokubona lapho, enkomfeni, isithombe sebhayisikobho salapho ukuthi i...Yayithathwe ngamaRashiya, ukuthi ngenkathi iBerlin izinikela eRashiya. Nokuthi kanjani ukuthi lesosigaxa esikhulukazi semishini yamasosha, lezo zinganono ezinkulu ababenazo e...zinamathiselwe kulabombayimbayi abakhulu ababengazungeza; abahambe nje bayongena eBerlin. Bekungabal'khuni ukubona ukuthi noma yiyiphi impilo ibingake ngisho ibe khona. Imayela ngemuva kwemayela, nawo wonke umuntu edubula nje enemba ngqo, lapho nje ababekhuphuke khona njengequlu elikhulu lesikhonyane. Futhi bayibhunqisa nje iBerlin yaba yinhlabathi.

<sup>15</sup> Futhi ngenkathi, ngaleyonkathi, bakhapha ombayimbayi babo futhi a—abamasosha abahamba phansi angena futhi esula nya, bathumela futh balanda uMnu. Stalin. Futhi ngenkathi bemndizisa bemngenisa, ngendiza, futhi yahlala phansi, onke lawo masosha aseRashiya ehla ngomgwaqo, lapho lokho kusonteka nesitebhu lapho besenza, njengomnqobi, uphawu lomnqobi waseRashiya. Nokuthi uStalin wama kanjani ekunakeni ngenkathi amashumi ezinkulungwane amasosha emasha emigwaqweni yaseBerlin, ngenkathi yayilele ingumlotha. Futhi lapho abesifazane baseJalimane babedlwengulwe ezitaladini, nabancane, bebulewe, futhi abanye babo beshisiwe, kanjalonjalo, kodwa lokho kwaba ukunqoba impela kweRashiya.

<sup>16</sup> Khona-ke ngiyatshelwa ukuthi uNapoleon, umnqobi omkhulu wosuku olwedlule...Eminyakeni ethile edlule, cishe eminyakeni emihlanu, ngaba nenhlanhla yokuma eduze kwaseWaterloo. Futhi ngang...ngicoshe incwadi encane lapho, futhi ngangifunda impilo kaNapoleon. Wayewazonda amaFulentshi. Uyafika ungena eFransi, wazalelwa ngaphandle esiqhingini, futhi uza eFransi ukuzophindisela kubo, kodwa uba ngumnqobi omkhulu. Wayengumnumzane ohloniphekile, okokuqala nje. Kodwa impumelelo yaya ekhanda lakhe.

<sup>17</sup> Futhi kwashiwo ukuthi abesifazane, uma babezolalisa izingane zabo ezincane, futhi wayesatshwa kakhulu... Wabulala yonke into eyayingavumelani naye. Ukuthi, abesifazane, esikhundleni sokuthi, "Isipoki esidala sizokuthola," babethi, "UNapoleon uzokuthola." Futhi abafo abancane abanamehlo akhanyayo babefaka amakhanda abo ngaphansi kwesembozo, ngokushesha impela, becabanga ngalesosilo esikhulu uNapoleon.

<sup>18</sup> Kodwa, niyabo, ukunqoba akuzuza akuhlalanga isikhathi eside. Wayengumnqabeli wokuphuzwa kotshwala, okokuqala, futhi wafa eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, engohlulwa wuphuzo.

<sup>19</sup> Ukunqoba kwalolohlobo akuhlali isikhathi eside, ngoba akusentshenziwe kahle. Awusoze wathola okuhle kokuyiphutha. Ufanele udlale kahle ngomthetho womdlalo.

<sup>20</sup> Futhi noma ngubani kini uyazi, ukuthi emidlalweni yama-olimpiki noma yikuphi okunye ukuzivocavoca ngokusubatha, akunandaba noma ngabe ufika kuqala emqhudelwaneni, kodwa uma ungawudlalanga umdlalo ngokwemithetho, wephucwa ilungelo. Ufanele udlale ngokomthetho kahle.

<sup>21</sup> Futhi kungaleyondlela empilweni yomuntu. Angeke wadlala ngemithetho yomdlalo wempilo ngokungafanele futhi ulindele ukunqoba. Ufanele udlale ngokweZwi likaNkulunkulu nenhloso owaletelwa yona lapha.

<sup>22</sup> Manje, kunabantu abaningi kakhulu ongabonakali enanoma yiluphi uhlobo lwenhloso empilweni, ikakhulukazi kulolusuku esiphila kulo manje. Abantu babonakala bacabanga ukuthi konke okumele bakwenze ukuhambisana nomunye umuntu, ngezimfashini zezwe, nangokuyenga izwe elibanikeze khona.

<sup>23</sup> Njengalokhu nje, uma uya esikoleni futhi amanye amantombazanyana egqoka ilokwe elincane elithize, noma ingubo, noma ngabe yini eningakubiza ngakho, konke ukulangazelela isikole sonke esinakho kuzoba ukuzifanisa naleyo ntombazane. Abanye besifazane babona kuthelivishini elinye inenekazi elithile liphuma, futhi ligqoke imfashini ethile, awu, lokho ngukuthi ukulangazelela kwabo ukugqoka nokuziphatha kanjalo. Futhi lokho kubukeka nje kungumkhawulo wokulangazelela kwaseMelika, ukuthola umsebenzi omusha, noma ukuthola ukukhushulelwa imali emholweni wakho, nokuthola ithelivishini, noma imoto entsha.

<sup>24</sup> Ake ngisho lokhu. Lezozinto zingalunga, kepha kunokulangazelela okuphakeme empilweni yomuntu kunalezozinto. Futhi amaKristu afanele abeke uthando lwawo ekulangazeleleni okuphakeme.

<sup>25</sup> Ngicabanga ukuthi bekungasikhokhela sonke ukuhlala phansi futhi sizibuze ukuthi kungani silapha, okokuqala. Futhi noma ngubani Owayenomusa ngokwanele ukusiletha lapha, sifanele sizindle futhi siMbuze ukuthi yini Azofuna siyenze, inhloso yethu yokuthi sifike, ukugwalisa lokho Asihlosele khona. Kodwa sibukeka nje sifuna ukuhambisana nezwe.

<sup>26</sup> Manje, iBhayibheli lasho ukuthi singalehlula izwe. Futhi sikwenza kanjani na? Hhayi ngokuhambisana nezimfashini zezwe. Kodwa iBhayibheli lasho ukuthi ukukholwa kungukunqoba okwehlula izwe.

27 Kungikhumbuza ngesinye isikhathi ukuthi u... Angithandi ukusho leligama, kodwa wayeyisinxibi nje eseza emnyango. Futhi wathi, “Ungangipha i—isemishi na?”

28 Ngathi, “Impela. Ungangena na?” Futhi esikhundleni sokumenzela isemishi, ngacabanga ukuthi ngizomlungisela okudliwayo. Futhi ngamlungisela nje engingakwazi ukukwenza endaweni, futhi ngamhlalisa phansi ukuze adle. Futhi ngenkathi esadla, ngacabanga ukuthi ngizokhuluma naye, ngibona ukuthi wayeyi—yisihambi. Futhi ngathi, “Uvelaphi na?”

29 Wavele waqhikiza amahlombe akhe kancane, futhi wathi, “Ndawo.”

Ngathi, “Khona-ke uyaphi na?”

30 Futhi wayeka ukudla, wangibheka, futhi wathi, “Ndawo.” Waqalaza futhi wagwinya umthamo omkhulu, wayesethi, “Mnumzane, lapho nje isigqoko sami siphumula khona, yilapho engiphumula khona.”

Ngathi, “Ngiyabona.” Ngathi, “Usukwenze isikhathi esingakanani lokhu na?”

31 Wathi, “O, iminyaka ethize engamashumi amabili, noma ngaphezulu.” Kungekho kulangazelela ukuthi—ukuthi azenze abengcono!

32 Manje, lokho nje kuthi akube yisimo sokuziphatha kwabantu. Lokho nje engikubiza ngokuthi “abashushumbi, abantantayo.” Futhi abantu abajoyina isonto uthi nje akabe okufanayo. Bengihlala ngicabanga “oluntantayo, ugodo olulahlelwe ngaphandle kwamanzi.” Ugodo olulahlelwe ngaphandle kwamanzi lulengiswa kunoma yiluphi uhlobo lwemfucumfucu. Lokho kuthi akufane nendlela abantantayo enza ngayo ebandleni noma nomaphi.

33 Manje thatha umfudlana, njengomfudlana wokuphila, nenqwaba yogodo olulahlelwe ngaphandle kwamanzi lulenga phezulu kuyoyonke inqwaba yemfucumfucu. Futhi, nokho, isikebhe siyafika, senziwe ngogodo, naso. Kodwa uma uqaphela, ugodo lwenziwe futhi lalolongwa yingcweti eyakhe isikebhe. Hhayi ukuthi silolongiwe, kodwa siqondiswa yingcweti, futhi sidudulwa ngamandla.

34 Futhi sonke senziwe ngento efanayo. Kwencike nje ekutheni ukulangazelela kwakho kuhamba kanjani. Ngabe uyathanda ukuvumela uMbazi oyingcweti enze, ngawe, lokho Angakusebenzisa, nalokho Angakulawula, nalokho Akufaka amandla na?

35 Uma lesisikebhe esincane esithize esenziwe ngokwehlukile, futhi esisetshenzwe yisandla sengcweti, singake sike siyobambeka okhuleni oluthize ngasemanzini angajulile, kukhona amandla ngemuva kwaso, ibhawodi elincane ingcweti

engalikhanyisa, futhi asiphushele phakathi emanzini ajulile futhi.

<sup>36</sup> UNkulunkulu ufuna ukusibumba nokusenza sibe yilokho Afuna sibe yikho. Kodwa singakwenza kanjani lokho, noma uNkulunkulu angakwenza kanjani lokho, lapho singeke nanini sime sithule senzele Yena ukuba akwenze na? Sifuna ukuba yingcweti ngokwethu uqobo. Sifuna ukucabanga indlela okungeyethu uqobo yokucabanga.

<sup>37</sup> Futhi abantu abaningi bangena ebandleni, futhi bajoyine isonto, bese befaka igama labo encwadini, futhi akacabangi ngisho ukuthi lelobandla likholwa yini, noma ahlole lelobandla, ukuthi balishumayela kanjani iZwi likaNkulunkulu, noma ngabe bamele iVangeli eligcwele noma qha, noma bavele bathathe ingxenye futhi bengeze isivumokholo. Ukuntanta, ukushushumba, abalokothi bafike kunoma yini.

<sup>38</sup> Kodwa ake nginitshela okuthize, kulobubusuku, nina eningaphakathi nangaphandle kwalesisakhiwo. Nizosongekela esiphethelweni ngolunye lwalezizinsuku, lokho kuzoba sesigodini sethunzi lokufa. Ngizoneluleka ngalelihora, ukuba nilungiselele ukuhlangabezana noNkulunkulu ozofanele ahlngane nani ngalelihora. Kuphakathi kokuthi uzohlangana naYe njengobuciko obedlula konke Abusebenzile, noma uphisi ontantayo wogodo olulahlwe ngaphandle kwamanzi futhi ungene esiphethelweni sakho sokugcina. Ngakho-ke ningasebenzisi lempilo ukushushumba nizulazula nje, futhi nintante nizulazule, futhi—futhi nithole umsebenzi ongono, nokugqoka kangcono, futhi nithole ithelevishini entsha, noma—noma imoto engcono. Impilo isho okungaphezu kwalokho. Ungazami ukuyisebenzisela ukuze nje uthi, “Awu, uma bonke bejoyina isonto, nami ngizolijoyina, futhi.”

<sup>39</sup> Uma ujoyina isonto, ufanele uqale ufunisise, futhi uthole ukuthi lelobandla limeleni. Ngabe nje yindawo kuphela lapho abantu beya khona ndawonye okwenhlanganyelo na? Noma, ngabe yindawo eshumayela iZwi likaNkulunkulu ophilayo, futhi imele yonke imigomo uJesu ayifela na? Ufanele ukwenze lokho. Ungavele untante ungene futhi uhambe nokuhlehla nokubuya kolwandle. Ngoba, “Isango lincane, nendlela ingumgcingo eholela ekuPhileni, futhi kodwa bayingcosana labo abayongena lapho kuyo.” Ngoba, “Indlela ibanzi eholela ekubhujisweni, futhi baningi abayongena lapho.”

Sifanele sibe nenhloso yokuthile.

<sup>40</sup> Manje, kwakungenjalo ezinsukwini ezedlule, noma kulolusuku, ukuthi lapho umuntu eza kuNkulunkulu, wayenenhloso yokukwenza. Uma inhloso yakho kungukushushumba naleyo nhlngano yebandla, noma ngabe ukubuka phezulu ngakuNkulunkulu na?

41 UDaniyeli, ngenkathi ehlielwa eBabiloni, nakuba wayehambile wasuka ekhaya lakhe, futhi wayezofanele abe yisigqila kwesinye isizwe sabantu, kepha uDaniyeli wahlosa enhliziyweni yakhe, kungenandaba ukuthi yini ababeyenze kuye, wayengeke azingcolise ngesono sabaseBabiloni.

42 O, uma besibe namadoda angamaqhawe amaningi kanjalo, abeyohlosa enhliziyweni yawo, “Uma ngingumKristu, ngizothola sonke izibusiso sobuNkulunkulu esingesami, futhi ngisibize. Uma iBhayibheli lifundisa ukuthi ngingawemukela uMoya oNgeweze, ngizohlala ngiguqe ngamadolo ami uNkulunkulu aze anginike uMoya oNgeweze, futhi hhayi nje ukushushumba.”

43 Ngangifunda indaba yomlando wempilo ka-Uncle Buddy Robinson omdala esikhathini esithile esedlule. Futhi wayeyindoda enkulu kakhulu, futhi i—indoda enothando, nendoda yokukholwa. Futhi walambela uMoya oNgeweze, ngoba iBhayibheli lalikusifundisile. Futhi ithi ngelinye ilanga wayelima ummbila. Futhi wamisa umnyuzi wakhe omdala, u-Alex, futhi wehlela elayinini lommbila futhi wathi, “Nkulunkulu, uma Unganginiki umbhaphathizo kaMoya oNgeweze, uma Usubuyela emhlabeni Uyothola amathambo ami elele ngqo lapha.” Lokho ukhlosa enhliziyweni yakho. Lokho ukungena emsebenzini ngempela.

44 Uma uthola lolohlobo lokuzimisela enhliziyweni yakho, uNkulunkulu uzovula amafasitela aseZulwini. Okuthize kuzofanele kwenzeke. Ufanele ungene emsebenzini noNkulunkulu, futhi ube nenhloso ethile, nokubonga okuthile ngaYe ekusindisa.

45 Futhi ngenkathi uDaniyeli wayesezimisele enhliziyweni yakhe, futhi udeveli wamenza wakufakazela lokho, kodwa sithola ukuthi kwakumi kahle ebusweni bengonyama elambile.

46 Futhi umuntu oke weza kuNkulunkulu futhi ngempela, phansi enhliziyweni yakhe, uthola ukukholwa okuzinzile, kuzoma kahle emlonyeni wokufa, noma emlonyeni wokugula, emlonyeni wosizi. Kuzokuma kahle, ngokuba ukukholwa kungukunqoba. Unqobile ngokukholwa kwakho.

47 U-Abrahama, indoda nje engenanhloso ethile empilweni, enoyise nje nabangane bakhe, ehla evela eBabiloni. Bahlala eShinari, futhi lapho bakha umbhoshongo, nokunye nokunye. Futhi ba . . .

48 Ngeliny’ilanga, ngenkathi u-Abrahama esakhuleka, akungabazeki, wakhulekisisa, waze washaya isandla sikaNkulunkulu. Wakwenza kanjani na? Ngokukholwa. Mhlawumpe wacabanga kanjena, “Uma kukhona uNkulunkulu Owenza umkhumbi, futhi wavumela uNowa ukuthi antante edlule, Usaphila nanamuhla.” Endaweni ethile ezweni labahedeni, lapho aye—ayegogobele khona, wathinta isandla

sikaNkulunkulu. Futhi phakathi lapho, uNkulunkulu wamnika isambulo sokuthi kwakukhona uMuzi OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu.

<sup>49</sup> Futhi sifunda ukuthi, yonke impilo ka-Abrahama, wayeyisihambi nomfokazi ezweni, ngokuba ukulangazelela kwakhe okukodwa kwakungukuthola lowo Muzi OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Washaya into ethize. Wabamba uNkulunkulu, nokukholwa kulowo Nkulunkulu, ukuthi wabona ngaphambili iJerusalema eLisha. Futhi wabeka umthwalo wakhe emhlane wakhe futhi waba wuzulane. Engantanti nje, ngaphandle kwenjongo; wayenokukholwa ukuthi kwakukhona uMuzi OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu, uMuzi oPhakade. Wayenenhloso empilweni, ukuthola leyondawo.

<sup>50</sup> Ngingasho lapha, ukuthi, ngolunye usuku lapho impi yayisiphelile, wahlangana neNkosi yalowoMuzi. Futhi Yamnika isidlo, isinkwa newayini; uMelkisedeki.

<sup>51</sup> O, angeke wazimisela nanoma ngani yesithembiso sikaNkulunkulu, enhliziyweni yakho, ngaphandle kokuthola iqiniso kuso. Uma umphefumulo wakho ubuhlushwa yizono nokungabaza, nokwehla nokwenyuka nokukhungatheka, futhi kukhona okuthize phansi kuwe okukutshela ukuthi kukhona indawo ethile ongakunqoba lokho, kungani untanta uzulazula khona-ke usuka ebandleni uye ebandleni futhi usuka endaweni uye endaweni na? Vele uguqo phansi uze ushaye eZulwini.

<sup>52</sup> Futhi njengoba ngishilo izolo kusihlwa, hamba uye ngale kwezivimbamsindo, khona-ke uzoba nenhloso empilweni. Uzoba nenhloso yokusonta ebandleni. Uzoba nenhloso yokubhaphathizwa. Uzoba nenhloso kulokho okufunayo. Isizathu, siyazi ukuthi uNkulunkulu uthembekile, futhi uNkulunkulu uyiqiniso, futhi uNkulunkulu angeke aqambe amanga.

<sup>53</sup> Futhi uma uNkulunkulu afaka lokho enhliziyweni ka-Abrahama, ngePhimbo laKhe, iZwi laKhe, khona-ke uNkulunkulu ukubeke phakathi, phambi kwethu, eBhayibhelini laKhe, nangofakazi kaMoya oNgewe, ngokubuyisa uMoya oNgewe ngezibonakaliso nezimangaliso, ukuthi uJesu Kristu usaphila, futhi unguye izolo, namuhla, naphakade. Khona-ke kungani singalokhu sifuna silandela lezozinto esizifisayo na?

<sup>54</sup> Uma udinga, noma yisiphi isidingo, noma yini uNkulunkulu ayithembisile eBhayibhelini laKhe, Ulapha kulobubusuku ukuhlangabezana nalesidingo. Akunasidingo sokuqhubeka nokufuna. UBukhona baKhe bulapha. UMoya waKhe ulapha. Futhi Uzimisele, futhi ulungele, futhi ulangazelela ukukunikeza lokho okufunayo kakhulu. Kungani ungalokhu ube usalindile na?



55 Uma uza kuYe, ungezi njengontantayo, “Ngizokhuphuka futhi ngikuzame futhi ngibone uma kusebenza.” Awusoze wafika ndawo.

56 Kodwa, lapho uza ngaloluhlobo lokuzimisela, ukuthi uthengisile, ukhiye, isitokwe, nomphongolo; uma usukhathele yizwe, nesono, nokungakholwa, nokukhungatheka, nokungabaza, futhi uze kuNkulunkulu ophilayo, nehange eliqiniswe impela eDwaleni lemiNyaka; uMoya oNgcwele ulapha ukukudonsela eBukhoni bukaNkulunkulu ophilayo, okuzokunika ukukholwa okuzonqoba noma yini ekhona ezweni, ukugula, izifo, ngisho nokufa qobo lwakho.

57 Wena uthi, “Uthe ‘ukufa,’ Mfowethu Branham.” Futhi yilokho ebengikuqondile: ukufa.

58 Kwakungesiyena uLazaru owayelele efile emhlabathini, futhi ukubola kwase kuvele kungenile, ngenkathi uJesu athi kuMarta, “Nimbelephi na? Futhi uma ungeke ungabaze, uzobona inkazimulo kaNkulunkulu?”

59 “Anginitshelanga yini ukuthi ningangabazi na?” Wathi kuJayiru ngalobobusuku, noma ngalolosuku. “Uma uzokholwa kuphela, ungayibona inkazimulo kaNkulunkulu.” Khona-ke ukukholwa kuyakunqoba ukufa. Ukukholwa kungukunqoba phezu kokufa. Ukukholwa kungukunqoba phezu kwesono. Ukukholwa kungukunqoba phezu kokugula. Ukukholwa kungukunqoba phezu kokukhathazeka. Ukukholwa kungukunqoba phezu kwezixaki. Ukukholwa kungukunqoba phezu kwezwe.

60 Wena uthi, “UJohane, ngenkathi eloba lokho, wayengenazo izinkathazo zami. Wayengadingeki ukuba asebenzane nabafo engisebenzana nabo. Wayengadingeki ukuba ahambe edlule ezintweni engizenzayo.” Kunjalo.

61 Wayengahle angadingeki ukuba asebenzane nabafo abafanayo. Wayengeke adingeki ukuba anqobe into efanayo. Kodwa akazange abashiye ngaphandle, ngokuba washo lokhu, “Ukukholwa ngukunqoba okwehlula izwe,” yonke into. Kukanjani na? Thola ukukholwa kukho. Gibela ngaphezu kwakho. Lapho sineZwi likaNkulunkulu elilotshiwe libekwe phambi kwethu, noMoya oNgcwele lapha wenza futhi ukhombisa ukuvuka kweNkosi uJesu, nezithembiso zobuNkulunkulu zilotshwe lapha, ukuthi, “Noma yini eniyifisayo uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela, futhi nizoba nakho.” Yini enizofanele niyenze khona-ke na? Yibani nokukholwa. Hhayi nje ukukholwa okuntantayo, hhayi nje ukukholwa kokuzenzisa, kodwa ukukholwa kwangempela.

62 Manje, ukukholwa kungumnqobi. Ukukholwa kungonqobayo. Akusiwo nje u—umlamuli. Kuyanqoba. “Ukukholwa ngukunqoba okwehlula izwe.” Kwezani na? Yini ukukholwa na? Yini, ukuba ngu “mahluli”? Ukwahlula

nokunqoba kuyafana. *Ukwahlula*, kusho “ukushaya ulahle phansi; ukudlova; ukufaka ozankosi; ukuphonsa phakathi etilongweni.” Kusho ukuthi isono esake sakubusa, usuyasibusa manje. Kusho ukuthi usinqobile. U . . . Usibhaxabulile. Umkhulu kunaso. O, ngizizwa nginenkolo khona manje!

<sup>63</sup> Ngubani owayengowokuqala, isoni noma uMsindisi na? UMsindisi, ngokuba uMsindisi unamandla kakhulu kunesono. Ubani owayengowokuqala, umphilisi noma ukugula. Angeke kube ngumphilisi ngaphandle uma Wayengaphezu kokugula. Ngumphilisi, Kungahlula ukugula.

<sup>64</sup> Futhi ukukholwa kungukunqoba okunqoba zonke iziqalekiso zikadeveli. Ukukholwa kungukunqoba. Ukukholwa kukuphi na? Hhayi ukukholwa ebandleni lakho, hhayi ukukholwa esivumwenikholo sakho, hhayi ukukholwa kumuntu othile. Kodwa, ukukholwa kuJesu Kristu Owenza isithembiso, lokho ngukunqoba. Kuyini na? Kuwukunqoba. Uthi, “Ingalo yami isakhubazekile.” Kodwa ukukholwa kungukunqoba. “Ngisakuzwa ukugula.” Kodwa ukukholwa kungukunqoba. O, kunqoba izwe.

<sup>65</sup> Lapho ungakhuphukela kuNkulunkulu, ngomkhuleko, uze ubone into yehluliwe ngaphansi kwakho, akukho lutho olungakulimaza khona-ke. Unqobile. Unamamayela angamashumi amahlanu egumbini lendawo yokusebenzela. Khona-ke untweza ngokukhululeka.

<sup>66</sup> Wena obukade uyisidakwa futhi uyisigqila sikagologo, uzoba yinkosi phezu kwakhe ngaleyonkathi-ke. Lowodeveli omdala wophuzo olukwenza uphuze, uyinduna yakho manje; kodwa uma uthola ukukholwa, angisho ukuzenzisa, ukukholwa kwangempela, khona-ke uyinceku yakho.

<sup>67</sup> Wena ongeke uwubeke phansi ugwayi, nina besifazane nabesilisa, uma kuza endaweni lapho ungafika khona kuleyondawo, kuya lapho okunqobe khona ngokukholwa, khona-ke uzokukwahlula.

<sup>68</sup> Owesifazane omncane ohlezi okhona manje, ubekade ekuleli-altare, isikhathi emva kwesikhathi emva kwesikhathi. Owesifazane olungile, kodwa waqala ukubhema, esikhathini eside esedlule. Futhi akakwazanga ukukunqoba. Futhi wayenyukile, futhi ngangikhuleka naye, futhi kubonakala sengathi angeke nje akunqobe. Futhi i—into yokuqala uyazi, ngamtshela lapha, ngathi, “Kuzoba nengozi ezansi emgwaqeni.”

<sup>69</sup> Wathi, “Mfowethu Branham, ngikhalile, ngicelile.” Uyabo, ngamadlingozi nje, ukulwa nomoya, lokho ngeke kusize ngalutho.

<sup>70</sup> Futhi ngiyokwehla futhi ngikhuleke naye, futhi ngibeke izandla phezu kwakhe, futhi uyobuyela emuva. Futhi—futhi izinsuku ezimbalwa, ngangiyophinde ngihlangane naye, uvele

akushaye akulahle phansi nje ngentuthu kagwayi, izandla zisalokhu zinsundu.

<sup>71</sup> Futhi ngobunye ubusuku, ezansi ngaleya, waya kudokotela. Uqala ukugula nokubuna, kuze kube njengento yothi lokuphothela encane. Futhi udokotela wambheka, wayesethi, “Umdlavuzo! Ukubhema osikilidi!” Wayelapho-ke, elele lapho ukuba afe, khona-ke wabe eseqala ukusebenza. Niyabo? Umuntu ominzayo uzofinyelela otshanini obomile. Inqobo nje uma unгахamba uphume kulelibandla kulobubusuku, wazi ukuthi unгахamba ujoyine iMethodisti noma iBaptisti. Inqobo nje uma unгахlala phakathi lapha bese uthi, “Manje ngizo nje... ngingumuntu olungile. Akukho okungalungile ngami.” Ya, awunakwenza lutho ngawe. Kunjalo.

<sup>72</sup> Kodwa uma ubona izono zakho njengoba uNkulunkulu ezibona, ekukhanyeni kweBhayibheli laKhe; uma ubona, uzophenduka noma ubhubhe. Kukhona okuzokwenzeka. Uzongena esebenzini.

<sup>73</sup> Uphuma lapha, nokufuthanisayo ngasenhliziyweni yakho. Udokotela emuva lapho mhlawumbe izophakama, futhi akhuphuke, abuke, athi, “Ukuhlaelwa yinhliziyi.” Uzongena emsebenzini.

<sup>74</sup> Yilapho-ke azofanele angene khona emsebenzini. Futhi owesifazane uhleli, uyangibuka manje.

<sup>75</sup> Futhi uMfowethu Roberson usemuva lapho, noMnu. Wood lapha, uMfowethu Wood ehlezi lapha ndawo ndawo, nami, sayahamba siyehla ukuyozingela, ngiyakholwa, ndawo ndawo, ngethrakhi. Futhi uMoya oNgcwele wabonakala usihambisa ukuba sihambe siye phezulu le sidabule amagqunyana, ukuya lapho ayekhona. Futhi lapho ngifika lapho, wayebe nephupho. Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele ungene egumbini, futhi wehlela emsebenzini ngempela, akabange esawubhema uwayi kusukela lapho kuqhubeke. Futhi usezuze amaphawondi amaningi esisindo, futhi abawutholi umkhondo womdlavuzo.

<sup>76</sup> Kuyini na? Ukukholwa okunqobayo. Kungani kunganqobanga ngenkathi ngangimkhulekela lapha na? Wayempampa nje ezungeza. Kodwa lapho udokotela ethi, “Unomdlavuzo futhi uzokufa,” wangena emsebenzini. Yileyo ndlela okufanele kufike ngayo, lapho ungena emsebenzini. Kungani ulinda isikhathi eside kangako na? Kungani ungehleli emsebenzini manje na? Beka ukukholwa kwakho kuNkulunkulu. Kuthiwani uma owesifazane wayebe nokukholwa kimi na? Bekuyohluleka, ngoba ngingumuntu. Kodwa lapho eguqula ukukholwa kwakhe, hhayi kwiBranham Tabernacle noma kuWilliam Branham, noma kunoma ngubani omunye umuntu, kodwa wabeka ukukholwa kwakhe kuJesu Kristu, khona-ke waba nokukholwa. Waphakama ngaphezu kwakho konke

ukwesaba nokungabaza, futhi uNkulunkulu wamphilisa. Futhi, o, unqobile. Ukukholwa kungukunqoba okunqobayo.

<sup>77</sup> Bengihlale ngizibuza kaningi, yini amaKristu efuna ukuzixakanisa wona uqobo ngalezozinto noma kanjani na? Abesilisa nabesifazane beza kimi, izikhathi eziningi, futhi bathi, ekuvumeni kwabo izono nokunye nokunye, lapho nginalazo zingxoxiswano zangasese, futhi bona, sihlangana nabo, sihambe, senze ukuvuma kokuziphatha kabi nazo zonke—zonke izinhlobo. Imbangela, angeke bakuphike; uMoya oNgcwele ukhona lapho. Uma bezama ukukumboza, Uyabakhiphela ngqo. Ngakho bangahle badele bakutshele. Uma bezama ukuphuma, uMoya oNgcwele uyabamisa, wathi, “Umzuzu nje, nansi into ethize-thize.” Ngakho-ke lapho befika, baqala ukungitshela ngezinto ezincane zezwe. Futhi ngiyakuqaphela phakathi kwamakholwa. Uya ndawana thize. Yini oyishushumbelelayo na? Thola ukulangazelela ngawe. Beka umgomo wakho kuKristu, futhi uyeke ukulinganisana nezwe.

<sup>78</sup> Uzothatha iphephabhuku, uzothi, “Manje, abaphulukisi ngokukaNkulunkulu balolusuku na? Akekho onjengabaphilisi ngokukaNkulunkulu.” Lokho kuyobeka ukungabaza emqondweni wakho.

<sup>79</sup> Omunye omuntu ungena emsakazweni futhi uthi, o, ushumayela intshumayelo emnandi kakhulu, kodwa uthi, “Izinsuku zezimangalis selwedlule,” futhi uzokuxhasa. Niyabo, lokho kukwenza ube buthakathaka.

<sup>80</sup> Mthengisi! Lungisana noNkulunkulu! Kuphakathi kokuthi uba yilokho oyikho, noma yingabisisikho nhlobo. IBhayibheli likaNkulunkulu alikufundisi, khona-ke suka kukho. Uma LiKufundisa, hlala naKho.

<sup>81</sup> Kungikhumbuza lokhu. Isibonelo bekungathiwani ukuba besizothatha uhambo oluncane, ezinsukwini ezingamashumi amathathu ukusuka manje, siye kwelinye izwe na? Futhi kulelizwe, isimo sezulu besisihle kakhulu, kangangoba besingeke sisaphinde sibuye. Futhi ngapho asisoze sadingeka ukuba sife noma siguge, kodwa besiyoba lapho kuze kube phakade. Sengiyacabanga ngikubona uhamba uzungeza esitolo sezinto zikasheleni, uthenga inqwaba yezinto ezingenamsebenzi ukuba uhambe nazo na? Ubuzobe uzama ukususa lezozinto ezingenamsebenzi obunazo.

<sup>82</sup> Futhi uma uzifaka engxakini nje qobo lwakho, ngokujoyina isonto elilodwa bese-ke kuba ngelinye, uzokwandisa izinto ezingenamsebenzi eziningi. Kodwa uma uzocabanga ukuthi uyaphi, uzosusa okuningi kwalokho kungabaza nombhedo. Uzoba nokukholwa kwangempela. Ngithi kubantu. . .

“UnguMfowethu Branham okhulekela abagulayo na?”

“Ya.”

“Awu, lokho kuphambene nokukholwa kwami.”

“Khona-ke awunakukholwa. IBhayibheli liyakufundisa.”

Futhi manje abantu abanengi bangena emgqeni, futhi bathi, “Awu, nginakho konke ukukholwa.”

“Khona-ke wenzani phezulu lapha na? E-hhe. O, akunjalo.”

<sup>83</sup> Ukukholwa kwangempela akwazi kwehlulwa. Angeke kwehlulwa. Ngisho ukufa qobo lwakho angeke kukwehlule. Akwazi kwehlulwa. Izilingo ziyakwazi ukwehlulwa, kepha ukukholwa akwazi kwehlulwa. Angeke kwehlulwe. Futhi yileondlela kuphela ongathokozisa ngayo uNkulunkulu. “Ngokuba ngaphandle kokukholwa akunakwenzeka ukumthokozisa uNkulunkulu,” kwasho amaHeberu 11.

<sup>84</sup> Futhi kulendawo, sengiyanicabanga nihambahamba, abanye benu maKristu abasebenzisa isitsotsi, nisebenzisa anenhlamba, amagama angcolile, kodwa nokho niyasonta na? Sengiyanicabanga nihamba niya kwelinye izwe, bese-ke nihamba nizungeza nidabula iMelika, nifunda sonke isitsotsi saseMelika enisaziyo, eningezwa ngaso na? Impela, ubungeke. Into obuzobe uzama ukuyenza, bekungaba ukufunda amagama ambalwa alo lwimi laphaya, kunjalo, njengokuthi, “Unjani?” empeleni.

<sup>85</sup> Futhi ngicabanga ukuthi bekunga—bekungawafanela amaKristu kakhulu, namhlanje, uma bebezama ukufunda ulwimi oluthile lwaseZulwini, izindumiso zikaNkulunkulu, esizozicula Laphaya, futhi sizijabulele. Futhi abantu ongakholelwa ekumemezeni, ubuyokwenzenjani uma ufika Laphaya? Ubuyobe ungaphandle kakhulu kwendawo. Kungcono uthole ukukholwa, futhi unqobe manje, ngokuba ukukholwa kungukunqoba okunqobayo. Qhabo, ubungeke ulokhu ulengise izinto ezincane kanjalo. Ubuzobe unokunqoba.

Wena uthi, “Ngikwenza kanjani, Mfowethu Branham na?”

<sup>86</sup> Ngani, kulula kakhulu. Nje kungu... Manje, emihlanganweni lapha, uyazibuza ukuthi uziletha kanjani lapha, kanjani... Abantu abasesakhiweni, angibazi abanengi, futhi emihlanganweni yami ngesinye isikhathi angazi noyedwa, ngisho izilwimi ezehlukene. Kodwa ngikwazi kanjani—kanjani na? Kungukuziletha qobo lwakho. Uzinikele nje kuMoya oNgewele, khona-ke akusesuwe nhlobo. Awazi ukuthi uzothini. Uvele uMdedele nje enze ukusho. Kulula kakhulu njengalokhu.

<sup>87</sup> Iningi lenu bantu ninokukholwa kodokotela benu. Futhi nifanele nibe nakho, uma unodokotela. Futhi manje uma kukhona okungahambi kahle ngawe, uzoya kulowo dokotela othembekile omdala okholelwa kuye. Yilokho ofanele ukwenze. Kuhle lokho. Bese-ke uletha udaba lwakho kuye. Uma ethi ufanele uye esibhedlela, awenzi lutho ngaphandle kokuya ekhaya futhi upakishe izimpahla zakho zokugqoka bese

uya esibhedlela. Impela. Unokukholwa kudokotela. Futhi uma enganqumi ukuthi ufuna ukuya esibhedlela, noma ufanele uhambe, njalo, uyobhala incwadi yesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo futhi akunike isaka eligcwele amaphilisi. Futhi uzowagwinya, futhi awazi ukuthi yini ekulawo maphilisi. Kodwa unokukholwa kudokotela wakho.

<sup>88</sup> Kuthiwani ngoNkulunkulu na? Futhi niyesaba ukugwinya amanye amaVa-ngeli Aninika wona. “Ngemivimbo yaKhe niphilisiwe.” “Ukukholwa kungukunqoba okunqoba izwe.” Ligwinye bese ubona ukuthi kwenzekani. Ukuzethemba.

<sup>89</sup> Ukhombisa ukwethemba onakho kudokotela wakho, ngokuthatha umuthi wakhe, ongazi ukuthi uyini. Ukhombisa ukwethemba kwakho kudokotela, ngokuziyisa qobo lwakho ekuhlinzweni. Lokho kufakazela ukwethemba kwakho kudokotela.

<sup>90</sup> Kodwa uma kuza kuKristu, uyesaba ukuMthatha eZwini laKhe. Kukanjani na? “Ukukholwa kungukunqoba.” Ungaluletha udaba lwakho kuJesu Kristu, kulobubusuku, njengoba uletha udaba lwakho kudokotela. “Nginike noma yini Oyifunayo, Nkosi. UnguDokotela kuloludaba.” Khona-ke unokunqoba. Khona-ke unokukholwa okunqobayo. Awusoze uzingele omunye umugqa womkhuleko. Awusoze wazingela lutho olunye. Uzoba nakho khona lapho. Kuzoxazululwa konke. Awusoze wagxuma usuka ebandleni uye ebandleni, ukubona uma *leli* linakho, noma *lelo* linakho, *abanalo*. Khona-ke unalo. Uma unokukholwa, unokunqoba.

<sup>91</sup> Ngiyanitshela ukuthi yini esiyidingayo kulobubusuku eMelika, nokuthi yini esiyidingayo kulobubusuku lapha kulelitabernakele, ukuvumela uDokotela Jesu angene futhi enze ukuhlinzwa ekukholweni kwethu.

<sup>92</sup> Udokotela uyakutshela, “Une-aphendiksi encane, yonke inobuthi. Ifanele iphume. Unalokhu, lokho, noma okunye, akulungile. Kuzofanele kuphume.” Awu, uyakukhipha ukuze wena wonke ungasebenza kahle.

<sup>93</sup> Futhi yini indaba kulobubusuku ngokukholwa kwethu na? Siyesaba ukuvumela uNkulunkulu athathe iZwi laKhe elihlinzayo, uMmesa waKhe, obukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi asihlinze, futhi asitshela ukuthi iqhinga lethu elingenamsebenzi ngapha alilungile. Futhi sifanele sithukulule sonke isivalo sefasitela, futhi sintweze siqonde ngasesithembisweni sikaNkulunkulu saPhakade. O, uma sizokwenza lokho, uJesu uzokwenza ukuhlinzwa ekukholweni kwethu, esusa konke ukungabaza, konke ukwesaba, nakho konke ukukhathazeka, sonke isono, yonke into ekhona. Bese kuthi-ke lapho ukukholwa kwethu sekuhlinzwe ngokusobala, siphuma siyisidalwa esisha. Khona-ke sesehlukile. Sidinga ukuhlinzwa. Ungamethemba yini uJesu Kristu ngalokho

kuhlinzwa na? Ungakholelwa kuYe na? Ungasho yini ukuthi, “Nkosi Nkulunkulu, eZwini laKho na?”

<sup>94</sup> “NgeZwi laKho,” njengoba abafundi basho kuMarku oNgewele 5. Ngenkathi bethi, “Sidobe ngenethi ubusuku bonke, asibabanga lutho. Noma kunjalo, Nkosi, eZwini laKho, ngizokwehlisa inetha,” kwasho uPetru.

<sup>95</sup> “Nkosi, ngingumdobi. Ngiyazazi izimpawu lapho nje inyanga ikahle. Ngiyazi uma zidla, nalapho zingadli. Ngiyazi uma zisezikoleni zazo, nalapho zingekho. Hhayi lokho kuphela, kodwa ngidobe ubusuku bonke ngenethi. Futhi nasi iseluleko sodokotela lapha kanye nami, sikadokotela ongabadobi, futhi siyawazi umsebenzi wethu. Futhi sihlole wonke lomfudlana ubusuku bonke, futhi asibabanga lutho. Kodwa eZwini laKho, Nkosi. Ngizokwehlisa inetha.”

<sup>96</sup> Ngoba u—uDokotela ohlinzayo omkhulu usho njalo! UDokotela omkhulu usho njalo! Futhi bavalela izinqwabanqwaba zezinhlanzi kwaze kwathi amanetha abo aqala ukubhoboka. Ngani na? Ukukholwa kungukunqoba. Kungenzeka kungabi khona ngisho inhlanzi eyodwa emanzini. Kodwa lapho uNkulunkulu esenze isithembiso, Uzozidala izinhlanzi futhi azibeke lapho.

<sup>97</sup> Kungahle kungabi khona ithuba lokuthi uphile. Kungahle ukuba ubulawa umdlavuzwa. Ungahle ukuba uboshelwe esihlalweni esinamasondo. Kungahle ukuba uyimpumpu the ngokuphelele. Angazi ukuthi inkathazo yakho iyini. Kodwa uma uzothatha isithako somuthi nokusentshensiswa kwayo sikaDokotela omkhulu, “Noma yini oyifisayo uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela, futhi uzoba nakho.” Futhi kholwa ukuthi lokho kukholwa kuzonqoba noma yibuphi ubunzima obukhona. Ungahle ukuba uthwele isono kakhulu kuze kuthi umphefumulo wakho onomule njengoba ungaba njalo. Ungahle ukuba uzamile ukususa lololaka olubi, lololwimi olunyundayo, lokho kuhleba ocingweni. Ungahle ukuba uzame wonke amakhambi owaziyo ukuthi enziwa kanjani. Kodwa uma uzovumela uJesusu Kristu nje angene kuwe kulobubusuku, Uzohlinza ukukholwa kwakho, futhi akunikeze ukukholwa okuyogibela ngaleya kwanoma yini izwe elingakuveza. Ngani na? Ukukholwa kungukunqoba okunqoba izwe.

<sup>98</sup> Ungangabaza kanjani, lapho uJesusu Kristu iNdodana kaNkulunkulu ophilayo ikhona lapha manje na? UMoya oNgewele wakhe omkhulu kulesisakhiwo. IZwi lathembisa, ukuthi, “Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Kwethenjiswa yiNkosi. UNkulunkulu ufanele aligcine iZwi laKhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngenkathi Ethembisa ukuthi Uyokwenza lezizinto, uNkulunkulu ubophezelekile ngesizotha ukwenza okunjalo.

<sup>99</sup> Manje ngifuna nikucabangisise. Uma unesono, uma kukhona noma yini engahambi kahle empilweni yakho, ngifuna ukucabangisise, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

<sup>100</sup> Ngaphambi kokuba sikhuleke, ngingathanda ukubuza lombuzo. Ngingathanda ukubuza ukuthi ngabe ukhona yini owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane, okulesisakhiwo, ongasho ngesandla esiphakamisiwe, “Nkosi, kubonakala sengathi nje angikwazi ukunqoba. Kubukeka sengathi bengingafanele ngizenze lezizinto. Ngi—ngiyazi angifanele ngenze *lokhu nalokho*. Kodwa ngifuna Wena uhlinze ekukholweni kwami khona manje, emva kwaloMyalezo. Ngifuna Ungihlole ngokuphelele, futhi uhlinze sonke isifo esincane sokukholwa kwami, okuzongivimba ekunqobeni lezizinto.” Phakamisela isandla sakho kuYe. Uzokwenza na? INkosi ikubusise. Indawo igcwele nje izandla! Okuncane . . .

<sup>101</sup> “Masilahle konke okusindayo, nesono esisithandela kangaka, futhi sigijime ngokubekezela ekuncintisaneni esikumiselweyo, sibheke kuMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, iNkosi uJesu Kristu.”

<sup>102</sup> Bangaki phakathi lapha, ogulayo nodingayo, ungasiphakamisa isandla sakho futhi uthi, “Nkosi, hlinza ukukholwa kwami. Nginesidingo kulobubusuku, Nkosi?” UNkulunkulu akubusise.

<sup>103</sup> Ukukholwa kungukunqoba. Sikuthola kanjani ukukholwa na? “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu.”

<sup>104</sup> Manje kinina enidingayo, umphefumulo onesono. Angeke ngenze ukubizela e-altare, ukuba ngibe nani nikhuphukele lapha e-altare, njengoba imfashini yetabernakele injalo, ngoba ayikho ngisho indawo. Kukhona abantu abemi bezungeze izindonga. Kukhona abantu aba—abaphezu kwama-altare lapha, futhi yindawo nje lapho esingenakukwenza khona. Kodwa ngizonikhulekela manje. Futhi nina ziletheni qobo lwenu kuKristu kulelihora nje, ngesikhuleka.

<sup>105</sup> Nkulunkulu othandekayo, sizocela umusa waKho wobuNkulunkulu phezu kwalemiphefumulo ezisolayo elindile ekholwa ukuthi Unguye, nomvuzi walabo abaKufunisayo. Futhi ngizoKucela ukuba ube nomusa kubo, Nkosi. Futhi noma yini ekhona, umdlavuza wokungabaza, umdlavuza wolaka, isimila sokungakhohwa, sikiphe khona manje nje, Nkosi, futhi banikeze uMoya oNgcwele. Gcwalisa imiphefumulo yabo ngobuhle baKho. Babhaphathize embusweni waKho manje nje, njengoba bephakamise izandla zabo ekuvumeni kokukholwa kwabo. Futhi sicela Wena, O Nkulunkulu onomusa, ukuba ubenzele lokhu.



<sup>106</sup> Ngokuba bayiguqulile imicabango yabo yo—yokushushumba bezulazula olwandle. Bebefanele bangene esikhumulweni semikhumbi futhi baqoshwe nguMakhi oyingweti, futhi benze isidalwa esisha kuKristu Jesu, futhi banikwe amandla ngoMoya waKhe, obuswa yintando yaKhe. Ngakho banikeze khona manje, Baba, njengoba sikucela ngokuzithoba eGameni likaJesu, iNdodana yaKho.

<sup>107</sup> Futhi manje, Nkosi, kube nezandla eziningi eziphakamele emoyeni, noma leso esiphakamele emoyeni. Bayabona ukuthi kade besuka ezindaweni baye endaweni, iningi labo. Bashaye amamayela amaningi benqamula i—izifundazwe, ukufika kumuntu othize-thize okhulekela abagulayo. Futhi bafikile, mhlawumbe, izindlela ezinde ezansi lapha. Futhi ngiyathakasela lokho, Nkosi. Ukuba-ke bebengakholelwa kimi, njengenceku yaKho na? Khona-ke bebengeke beze. NgiyaKubonga ngokubavumela ukuba babe nokukholwa emkhulekweni wami.

<sup>108</sup> Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ngamunye ngobuqotho manje nje, ukuthi Wena, uNkulunkulu omkhulu waseZulwini, uzohambisa uMoya waKho oNgcwele ungene empilweni yabo, futhi uzonquma konke ukungakholwa. Mabazi ukuthi kungukuthi, “Ukukholwa kungukunqoba.” Hhayi umuntu othile wasemhlabeni, hhayi ibandla elithile, noma umkhuleko othile owela endodeni ethize, osiza konke, kepha ukukholwa kungukunqoba.

<sup>109</sup> Sifunda lapho iNdodana yaKho, uMsindisi wethu, “Waya ezweni lakuBo uQobo, futhi kwakukhona labo abathi, ‘Ubani loMfo? Akusiyona leyondodana yombazi na? Asimazi Yena nomama waKhe na? Futhi igama lakhe uMariya. Futhi nangu uJuda, noJona, nodadewabo.’ Futhi bakhubeka ngaYe. Futhi Wamangala ngokungakholwa kwabo, futhi akabange esenza imisebenzi emikhulu.”

<sup>110</sup> Siyaqonda, akunandaba ukuthi umuntu omkhulu angahle athandek kangakanani phambi kwaKho, nokho ukukholwa kwethu uqobo kungukunqoba. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzovumela umuntu aphume kulokhu, futhi uzibonakalise qobo lwaKho lapha kulobubusuku, lapho ukukholwa kugxile ezimisweni zokuvuka kweNkosi yethu. Akafike, kepha Uyaphila kuze kube phakade. Futhi Wenza isithembiso, “Ngizoba nani, njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Futhi siyakholwa ukuthi Ulapha.

<sup>111</sup> Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu Othandekayo, ukuthi kulobubusuku, ukuthi Uzozibonakalisa qobo lwaKhe abonakale, ekhona. Futhi kwangathi-ke uMoya oNgcwele ungabamba yonke inhliziyi, futhi wenze ukuhlinza ekukholweni, ukuze bakwazi ukunqoba ukugula kwabo, nezinhlupheko zabo, nezifo zabo. Baphume lapha nokukholwa okuhleliwe, akunandaba, uma kungekho neyodwa into

eyenzekayo, nokho kuzodala ukukholwa okushoyo ukuthi sekwenzekile. Lokho ukunqoba. Kunqoba izwe. Ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

<sup>112</sup> Kulikhunyana nje ukubona ukuthi ngingawubiza kanjani umugqa womkhuleko. Ngokuba lowo mnyango uminyene wangenela emgwaqweni, nalona uminyene wangena emgwaqeni, futhi ngasemafasiteleni, nangaseminyango, naphezulu lapha. Bengingakuzama, uma nifisa ukuthi ngikwenze. Ngi—ngingazama ukubiza umugqa womkhuleko.

<sup>113</sup> Kodwa ngizokusho lokhu, ngemuva kwalento. Ngizishumayeze ukukholwa qobo lwami. Ngiyakholwa, uma nje nizohlonipha, bese nje nithatha konke ukukholwa eninakho, njengokukholwa komuntu, futhi nikuphendulele ezandleni zikaNkulunkulu, bese nithi, “Manje, Nkosi, thatha okuncane enginakho ukuba ngiKunike khona, futhi vumela ukukholwa kwaKho kuze kimi,” Ngiyakholwa ukuthi Uzokuphilisa, futhi angikubize uphume ngqo kulomsamo, ngaphandle ngisho kokuthi uze ulokothu uze lapha nhlobo. Ningakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kodwa uma unekhadi lakho lomkhuleko, bambelela kulo, sizolisebenzisa, noma kanjani. Ngakho, siyakholwa. Manje, ngithanda. . . Lokho kufika nje manje engqondweni yami.

<sup>114</sup> Ngoba, uBilly Paul ungitshelile nje lapho singena, emizuzwini embalwa edlule, ukhiphe amanye amakhadi omkhuleko namanje kulobubusuku. Isizathu, sithathe inqwaba impela izolo ebusuku. Futhi uthe, “Bekukhona abanye phakathi lapho, babayi, abebefuna amakhadi omkhuleko. Futhi ngibanikezile amakhadi omkhuleko.”

Ngathi, “Kulungile.”

Uthe, “Kodwa uzowubiza kanjani umugqa womkhuleko na?”

<sup>115</sup> Khona-ke isixuku besisemuva lapho. Manje bonke bazungeze ezinhlangothini. Ngakho kunzinyana ukuba nendlela yokukwenza, ukubiza umugqa womkhuleko. Asi. . .

<sup>116</sup> Yini umehluko kini wokuma lapha, noma ukuhlala lapho enikhona na? Kodwa kuzothatha ukukholwa ukwenza lokho. Kuzothatha ukukholwa kwakho, kuhlangukholwa nokukholwa kwami, nokukholwa kukaNkulunkulu. Kuxutshaniswe ndawonye, futhi ukukholwa kwami nokukholwa kwakho kuzoshabalala, futhi ukukholwa kukaNkulunkulu kuzodlula ngamandla, futhi imisebenzi izokwenziwa.

<sup>117</sup> Ngifuna nje ukunibuza lokhu, phezu kwalezizisekelo. Niyalikhholwa leli liyiZwi likaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Angeke liqambe amanga, khona-ke, uma liyiZwi likaNkulunkulu. Lizofanele libe yiqiniso. Khona-ke, uma kuyiZwi likaNkulunkulu, futhi liyiqiniso,

khona-ke Ubophezelekile kulolonke iZwi Alikhulume lapha. Ubophezelekile ukugcina leloZwi.

<sup>118</sup> Manje, uma ubugula futhi ububulawa yilukhemiya isifo sokuphelelwa yigazi, noma umdlavuzwa, noma ngabe yini obunayo, ixhwala, futhi uyenyuka lapha, futhi kwa lethwa bonke abefundisi ebisibazi, esakhiweni, futhi balethwe lapha futhi babakhulekele, nonke ngamunye, namanje, ngaphandle kokuthi wena qobo lwakho ube nokukholwa, bekungeke kusebenze. Niyabo?

<sup>119</sup> Kodwa uma umuntu othile ubengaphulukiswa, mhlawumpe ngemuva kokuthi uqaphelile, abaphulukisiwe noma abazisho ukuthi baphulukisiwe, lokho bekungasiza ukukholwa kwakho, ngoba ubuzobona ukuthi sebephulukisiwe.

<sup>120</sup> EThekwini, eNingizimu Afrika, maduzane nje, ngangikhuleka futhi baletha umuntu oyedwa emsamu. Futhi niyayazi indaba. Ngiyixoxile kwabaningi benu. Ukuthi lowo wesifazane oyedwa waphulukiswa kanjani lapho, engokaMohamede. Futhi banabaningi kakhulu nje esizwaneni ngasinye. Okungukuthi, cishe izizwana ezingamashumi amabili, noma ngaphezulu, zazilapho. Futhi khona-ke lapho kufika endaweni, kumfana owayezelwe, ekokomele, wayehamba ngezandla zakhe.

<sup>121</sup> Futhi lapho uMoya oNgwele uqala ukumtshela... Wayengum—mZula. Futhi lapho uMoya oNgwele uqala ukukhuluma, futhi utshela leyondoda, ilawu lase-Afrika, lalingazi ngisho nokuthi yisiphi isandla sokudla nesobunxele, futhi waze wamtshelwa ngisho ukuthi wayengubani, bahlala ngezinga. Futhi izinyanga bathakathi zasukuma, zishaqekile. “Yini lento entsha na?” basho. Futhi amakhosi ayeshayiselwa umoya ngezishayisamoya, enza izishayisamoya zime.

<sup>122</sup> Kodwa Wathi, “Eqhugwaneni lakho lapho uhlala khona, kukhona isithombe seNkosi yami, silenga odongeni.” Futhi uyise nonina, emuva phakathi lapho, namakhulu ezinkulungwane zabantu, asukuma ukufakazela iqiniso.

<sup>123</sup> Futhi wathi, “Manje, lokho, unomfowenu obegibele imbuzi ephuzi nomainja, futhi walimala umlenze wakhe, futhi uhamba ngenduku yokuqhugela. Futhi ukhona emhlanganweni. Kodwa ukukholwa kwakhe khona manje kunqobile, futhi usephilisiwe.” Ngoba ngani na? Lokho kwethusa umlungu, wayengakwazi ngisho ukukhuluma ulwimi lwakhe, wawungamtshela ukuthi wayengubani, nokuthi kwakwenzekeni. Kwakuhlobo luni lwamandla lawo na?

<sup>124</sup> Futhi umfana wakuzwa lokho ngomhumushi, futhi waphonsa phansi izinduku zakhe zokuqhugela. Futhi nangu eza, egijima futhi egxuma, ngenxa yenjabulo.

<sup>125</sup> Futhi lapho umfowabo, owayengazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesobunxele, kodwa wacabanga ukuthi ngangizama

ukumenza a—asine, ukusina kwabomdabu. Ebona umfowabo egijima futhi egxuma, kwenza into ethize kuye. Futhi wedlula izithiyo zesono zokungakholwa. Futhi ngabuka emuva, futhi kwaba nombono, owamtshela ukuthi akame ngezinyawo zakhe. Weyesephulukisiwe.

<sup>126</sup> Futhi umfana, engenabo ngisho ubuhlakani obenele, nengqondo eyenele, ukwazi ukuthi ngangitheni, ngemuva kokuba umhumushi wayemtshelile. Futhi wayeneketango entanyeni yakhe. Futhi ngalibamba iketango, futhi ngathi, “UJesu Kristu uyakusindisa. Sukuma.” Lowo mfana owazalwa ehluphekile, wama ngezinyawo zakhe. Hhayi lokho kuphela, kodwa esesengqondweni yakhe ekahle. Izinyembezi zehla ngesisu sakhe esimnyama. Futhi inkazimulo kaNkulunkulu yawela phezu kwaleyondawo lapho, kwaze kwathi izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu zabahedeni uqobo zaphulukiswa ngasikhathi sinye.

<sup>127</sup> Benzani na? Ngokusa okulandelayo, ngangizihlalele efasiteleni, emva kokuba imeya yedolobha isifikile, yathi, “Buka ngalelofasitela. Unesimanga.” Futhi ngokusa okulandelayo, nakhu kufika amaloli amakhulu ezinkomo ayisikhombisa egcwele izinduku zokuqhugela, nezihlalo ezinamasondo nezinto, ehla ngo... Ehla ngomgwaqo, nabantu ababekuwu, ebusuku bakuthangi, behla ngomgwaqo. AmaZulu, namaShungii, namaBazuta, namaXhosa, zonke izizwe ezahlukahlukene ezazilwa zodwa; wayenokuthula, bebambene ngezandla, becula, “Konke kungenzeka, kholwa kuphela,” ngolwimi lwabo lomdabu.

<sup>128</sup> Ngaphakama efasiteleni, ngase ngiphakamisela izandla zami emoyeni, ngase ngiphendula, “Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka obungasindisa olusizi njengami.” Kwakungukubuka okukhazimulayo lamehlo ami cishe ake akubona, ngaze ngabona iNkosi embonweni, ngalesosikhathi.

<sup>129</sup> Kuyini na? Kunyakazisa okuthile. Labobantu babengekho kwabantantayo. Babengakaze bakuzwe ngaphambilini. Futhi lapho bekuzwile, njengobulula obufana nomntwana, bavele bakuhlwitha. Yilokho kuphela okwakukhona. Bavele nje... Abadinganga ukuba nokuhlinzwa. Bavele bakubona nje base bekulandela, futhi kwase kungokwabo. Kwakungekho-muntu owayengabatshela noma yini ehlukile; base bevele bekubonile kwenzeka.

<sup>130</sup> Manje, uma iNkosi uJesu isaphila, futhi ilapha eJeffersonville, e-Indiana, kulawa ama-United States aseMelika, uma nje EnguNkulunkulu ofanayo owayelapha ngobunye ubusuku, ukunikeza lowo mshumayeli oyimpumpu the ukubona kwakhe, UnguNkulunkulu ofanayo owanikeza lowomntwana omncane owayenelukhemiya isifo sokuphelelwa

yigazi, efa, ngenkathi odokotela ngokusa okulandelayo bamemezela ukuthi wayekahle.

<sup>131</sup> Maduzane nje, ngithole udatshana lwakho khona lapha, ngiyakholwa, kwenye yalezizincwadi. Anginasiqiniseko. Ngangiyifunda nje ngeliny'ilanga, futhi ngicabanga ukuthi ngayibuyisela emuva kwenye yalezizinto lapha. Ngingahle ngingabi... Anginasiqiniseko. Kodwa ngangifunda udatshana kwenye ye... Nantu, khona lapha. Elinye lamaphepha phezulu lapha e—eMich... Noma, awu, kwakusemkhankasweni wami wokugcina phezulu lapha, udatshana ephepheni. Lapho kwakukhona owesifazane, ngi... KwakuseBurlington, eVermont. Futhi wayephoxeke wonke. Akalitholanga ikhadi lomkhuleko kubafana ngalolosuku. Futhi uGene, noLeo, noBilly, nabanye bazoba lapha, owayelapho. Futhi wayehlezi emuva le, futhi ngokungazelele... Wazibuza ukuthi kungani engakwazi ukungena kulowo mugqa womkhuleko.

<sup>132</sup> Futhi umuntu wokuqala wakhuphuka, futhi Wathi, “UnguNkk. *S'bani-bani*, uvela endaweni *ethize*, nokuthile, okuthile okwenzekile.”

<sup>133</sup> Ngaso lesosikhathi wephula kulesosithiyo. Wathi, “Ngiyamazi lowo wesifazane. Futhi ngiyazi ukuthi iqiniso lelo.”

<sup>134</sup> Kungengaphezu kokuthi wacabanga lokho enhliziyweni yakhe, kwaze kwathi uMoya oNgcwele omkhulu wangibiza ngapho, futhi wathi, “UNkk. *S'bani-bani*, ohlezi *lapha*,” emuva le, okuphindwe kabili kwebanga lalesisakhiwo. “Inenekazi elincane ekugcineni, lifake ingubo eluhlaza-satshani.” Wathi, “UnguNkk. igama lingu *s'bani-bani*.” Wathi, “Uhlushwa yisithuthwane. Unamalumbo amane noma amahlanu nsuku zonke.” Futhi wathi... Futhi wagxuma wema ngezinyawo zakhe. Kwakunguye lowo. Futhi washaqeka kakhulu, wayengazi ukuthi enzeni.

<sup>135</sup> Futhi wathi, “Hhayi lokho kuphela, kodwa uphatheke kabi kakhulu ngoba umyeni wakho useVeterans Hospital, futhi bakhiphe ngempela konke okwesisu sakhe. Futhi manje isifo sesingene kwenye ingxenye yomzimba wakhe, futhi alikho ithuba kuye ukuba aphilile, kusho odokotela.” Futhi yena, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, njengoba iphepha lichaza, waphakamisa izandla zakhe, ukuthi lokho kwakuyiqiniso.

<sup>136</sup> Ngaleyonkathi nje, embonweni, ngambona eza ekhaya. Futhi ngathi, “ISHO KANJE INKOSI. Ungakhathazeki. Uzoba sekhaya, ephilile.”

<sup>137</sup> Futhi ngokusa okulandelayo, ngenkathi wayengenela ukuyohlolwa, ukuba ahlinzwe futhi, ngenkathi lezozigaxa ezinkulu zesifo seHodgkin zazigqobhoza emzimbeni wakhe. Odokotela... Wathi, “Angisizwa ngisho nesigaxa.” Futhi odokotela bamhlola, abasitholanga isigaxa. Wamfaka kwi-x-

ray futhi benza konke ukuhlola, futhi wayephile ngokuphelele. Futhi ufika ekhaya ngosuku olulandelayo, ephile saka.

<sup>138</sup> Ngani na? Ukukholwa kungukunqoba. Alikho ikhadi lomkhuleko, akukho kubekwa izandla, akukho lutho, kodwa ukukholwa kungukunqoba okunqoba konke. Leyo yindlela.

<sup>139</sup> Umhlangano wami wokugcina eChicago, kwakukhona inenekazi lekhaladi limi emsamo. Ngi-ngiyaxolisa, ngikholwa ukuthi kwakungowesifazane omhlophe owayemi emsamo.

<sup>140</sup> Futhi ngobusuku bakuthangi, owesifazane omdadlana waseSweden wayelapho, noBilly wambona efinyelela phansi futhi ufaka imali eningi kangako emnikelweni enzela uMfowethu Osborn, owakhe wase-Afrika, ubizo lweBlack Gold, umkhankaso wakhe. NoBilly wathi kimi, “Wayekwenza kanjani lowo wesifazane omncane ompofu, egqoke ingubo encane ebukeya inamabala, wayengake abe nayo kanjani leyo mali engaka ukuba ayifake kulowomnikelo na?”

<sup>141</sup> Futhi ngakho ngenkathi uBilly eqala ephuma, wathi, “Nginike ikhadi lomkhuleko, s’thandwa.”

<sup>142</sup> Wathi, “Angisenawo.” Waya ngale kuGene noma kuLeo, oyedwa, wayebanikeza, futhi wabuza. Base bengenawo.

<sup>143</sup> Ngakho wathi, “Dadewethu, ngizokubona kusasa ebusuku bese ngikunikeza elilodwa.”

<sup>144</sup> Wathi, “Kulungile, s’thandwa,” futhi unyukela kuvulandi osesitezi ndawo ndawo futhi uhlala phansi. Angikaze ngikwazi.

<sup>145</sup> Khona-ke lapho ngingena, emsamo ngalobobusuku, futhi owesifazane oyedwa wayesemsamo...Wayehlezi phezulu lapho, futhi wagqobhoza lesosithiyo, wangena endaweni lapho uNkulunkulu ahlinza khona ukukholwa kwakhe. Lapho, ngenkathi eshaya kuleyondawana, Kwathi, “Lowo wesifazane omncane ohlezi phezulu ngaleya, kulowo vulande osesitezi wesibili, umuntu wesibili phakathi, naleyo encane, ingubo eyisikoshi, igama lakhe nguNkosazana. *S’bani-bani, nobani*. Futhi ukhulekela umyeni wakhe ongumhambisi emzileni kaloliwe; ongezwa endlebeni eyodwa.” Futhi wacishe waquleka. WayengumLuthela. Futhi lapho efika ekhaya... NeNkosi yathi, “ISHO KANJE INKOSI. Usephulukisiwe.”

<sup>146</sup> Lapho efika ekhaya ngalobobusuku, wayemi emnyango, ejabula. Futhi ngawo lowomzuzu ofanayo, indlebe yakhe iyavuleka, ngenkathi ehleli esihlalweni ehhovisi lomhambisi.

<sup>147</sup> Abesifazane abangamakhaladi behlezi laphaya, bakubona lokho, futhi bakholwa. Futhi wayekholelwa udadewabo oyayeseneminyaka eyishumi esikhungweni sabagula ngengqondo eLittle Rock, endaweni yokukhosela izihlanya. Futhi uMoya oNgcwele ufika kuye, futhi wamtshela ukuthi wayengubani, nokuthi udadewabo wayengubani. Futhi wathi, “Wayekade ewuhlanya olubhavumulayo, engqubuza ikhanda

lakhe odongeni, iminyaka eyishumi. Kodwa, ISHO KANJE INKOSI, usanda kuphulukiswa nje.”

148 Futhi ngokusa okulandelayo, ngenkathi bengena ngomnyango, umatroni wamfica emi emnyango, ecela ukuphuma, ngeyakhe ejwayelekile, inqondo ekahle. Wathumela izwi kudadewabo, eChicago, futhi owesifazane wamemeza kakhulu. Wathi, “Nkulunkulu onomusa! Yilokho okushiwo emsamo izolo ebusuku!” Wathi, “Sithandwa, ngiyazi ukuthi awunayo imali, kodwa ngizokuthumelela ithikithi lendiza ngokushesha okukhulu. Fika lapha. Umhlangano uvalwa kusasa ebusuku.”

149 Futhi owesifazane owayekade esesikhungweni sabagula ngengqondo, iminyaka eyishumi, ngobusuku obulandelayo impela wama emsamo futhi unikeza udumo kuNkulunkulu uSomandla.

150 Kwakuyini na? Udadewabo wabhobokela kuleyondawo yezinto zezwe. Izinto zezwe azisho ukubhema kuphela, nokuphuza, nokugijimela umbukiso. Kusho ukungakholwa. Wabhobokela kukho konke lokho, waze wathola ukuthi ukukholwa kwakhe kuyanqoba. Wathi, “Uma uNkulunkulu engenzela owesifazane omhlophe lokho, uNkulunkulu angangenzela lokho nami, owesifazane oyikhaladi.”

151 UNkulunkulu wakwenza. Futhi uNkulunkulu uzokwenza ngaso sonke isikhathi lapho ukukholwa kwethu kunqoba ukungabaza, ukunandaba ukuthi kubi kangakanani. O, Uyaphila!

152 Ngabe bakhona abantu lapha okwenzekile ukuthi babeseChicago ngalobobusuku, abezwa owesifazane efakaza na? Phakamisani izandla zenu. Awu, yebo, buka yonke indawo lapha. Impela, kwakulapho, owesifazane owayekade esesikhungweni yonke leminyaka.

Kuyini na? Ukukholwa kungukunqoba.

153 Manje, lowo Jesu ofanayo ulapha kulobubusuku. Khona-ke, uma ngingadedela ukukholwa kwami, kuye esithembisweni saKhe, khona-ke Uzobuya ngqo futhi enze into efanayo, uma ngadedela ukukholwa *kwakho* esethembisweni.

154 Uma Ezokwenza kunoma ngubani kini enihlezi ngaphandle kulezozethameli, nizokholwa ukuthi Usaphila na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe yileyondelela Enza ngayo ngenkathi Esesemhlabeni na? [“Yebo.”] Ngabe yileyondelela abaphostoli abenza ngayo na? [“Yebo.”] UPawulu wabuka phezu kwendoda, nokunye nokunye. Futhi ngenkathi uJesu etshela owesifazane emthonjeni.

155 Ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, futhi waphuma futhi wahlala phansi, Waphenduka, wathi, “Ngubani oNgithintile na?” Wayengazi ukuthi ubani othintile, ngakho

Wathi, “Ngubani oNgithintile na?” Bonke bephika. Wathi, “Kodwa Ngibe buthakathaka. Amandla aphumile kiMi.”

<sup>156</sup> Futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane owayekwenzile. Wayenomopho. Futhi wamtshela, “Ukukholwa kwakho kuthole ukunqoba.” Kuyini na? Akazange athi, “Ngikuphilisile.” Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile. Wenzeni na? Ubunokukholwa okunqobayo, okucindezelayo, okucangcatha konke ukungabaza.”

<sup>157</sup> “Ngoba wathi enhliziyweni yakhe, ‘Uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.’” UJesu wayene...Wayefanele athathe lokho ngokuthile ayekucabanga engqondweni yakhe uqobo.

<sup>158</sup> Nanti iZwi laKhe uQobo, elisho ukuthi Ubezoba lapha ngalolusuku futhi enze okufanayo lokho Akwenza ngaleyonkathi. “Kuseyisikhashana nezwe angeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza, ngisho neminingi kunalo niyoyenza. Ngiya kuBaba waMi, futhi niyokwenza eminingi kunalona.” Nakhu. Siphila kulolusuku lokugcina. UJesu ulapha.

Masikhuleke, futhi masikholwe. Futhi kholwani ngenkathi ngisakhuleka.

<sup>159</sup> Nkosi, nanti iqembu labantu. Futhi UnguNkulunkulu omkhulu. Siyabona eBhayibhelini, lapho Owaphilisa khona izixuku. Lapho khona ohambweni lukaIsrayeli, uMose, ngenkathi bephuma ehlane, kwakungekho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwabo. Wena unguDokotela omkhulu. Wena unguDokotela ohlinzayo omkhulu. Futhi manje, Nkosi, makuthi lababantu abalapha abagulayo kulobubusuku, emzimbeni wabo noma emphefumulweni wabo, ukuthi nje bengahle manje banikele udaba lwabo ezandleni zaKho, iNyanga enkulu. Futhi ubahlinze, Baba, kuze kube yilapho konke ukungabaza kwabo kuzosuswa. Manje, iZwi laKho lasho ukuthi Wena “unguye izolo, namuhla, naphakade.” Siyakhuleka ukuthi Usebenzise lokho kube ngummese, futhi wehlise lowommese futhi uzimemezele Wena uqobo ukuba ube ngokufanayo. “Ngizoba nani, ngibe kini.” Bese kuthi-ke, Nkosi, uma abantu bebona ukuthi Wena ulapha, sengathi ukukholwa kwabo kungakhuphuka ngaphezu kwaso sonke isifo esikhona endlini, kwesono noma ukugula, futhi baphulukiswe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>160</sup> Ningabona noma nithakasele indawo angifaka kuyo na? Manje bukani lapha. Kukhona okungenani abantu abangamakhulu amabili namashumi ayisihlanu abamile lapha, noma abangaphezu kwalokho, ngiqagele. Ya, ngiyacabanga bangaphezulu. A—angazi. Kodwa kukhona isixuku esikhulu senu engingasazi. Bangaki lapha abangazi... Uyazi ukuthi angikwazi noma angazi ukuthi yini engalungile ngawe na?



Phakamisa isandla sakho. Yebo, mnumzane. Awu, nakho-ke, yonke indawo. Impela. Angazi, kodwa Yena uyakwazi.

<sup>161</sup> Manje, uma Ezo. . . uma nje nizoziletha qobo lwenu kuYena futhi niMvumele akhulume kini ngokukholwa okufanayo lokho owesifazane ayenakho, nizoMkholwa na? Uma—uma kunjalo. . . Uma noma yini iyiqiniso elifakazelwe, yiqiniso elifakazelwe.

<sup>162</sup> Uma omunye umuntu ehlela lapha futhi athi, “Ngineselapho somdlavuza.” Wakhapha umdlavuza lapha, wawungena esimweni esibi, futhi wehlisela odokotela lapho futhi wafakaza kubo ukuthi umdlavuza wawungelashwa, wonke umuntu emhlabeni ubengagijimela kulokho, kulesoselapho.

<sup>163</sup> Ngani, mfowethu, ngimbonile uJesu Kristu elapha imidlavuza eminingi kakhulu! Kodwa, nokho, Ubuza into eyodwa kuphela, “Uma uzokholwa.” Lokho kubonakala kuyinto enzima kunazo zonke. NgiMbonile evula amehlo ezimpumputhe, enza abakhubazekile bahambe. NgiMbonile evusa abafileyo, emva kokuba kade sebefile, bemenyezelwe ngudokotela. Izinto eziningi kakhulu, bekungathatha. . . beningeke ngibhale imiqulu yezincwadi, ukuxoxa lokho engiMbone ekwenza, qobo lwami. Futhi nokho kunzima kakhulu, ukukuthola ukukukholwa.

<sup>164</sup> Manje uma nonke nina bantu enigulayo phakathi lapha. . . Ngifuna wonke umuntu ahloniphe ngangokunokwenzeka. Manje, ngiyakholwa. . .

<sup>165</sup> Ngiyikholwa elikhulu emadlingozini. Ngiyakholwa, noma yini engenawo amadlingozi ifile. Uma inkolo yakho ingenawo amadlingozi amancane ngayo, kungcono uyingcwabe. Isizathu. . . Kepha kukhona isikhathi sezinto zonke.

<sup>166</sup> Uma uza kimi, futhi ngingakunika khona. Futhi uthi, “Mfowethu Branham, ngifuna amadola ayikhulu.” Ungafika uhlonipheke ngempela, bese uthi, “Mfowethu Branham, ngidinga kakhulu impela amadola ayikhulu.” Futhi—futhi uyazi benginamadola ayikhulu ephaketheni lami, futhi uyakholwa ukuthi phezu kokwami. . . ukusebenza ngozwelo lwami, ukuthi bengizokunika lelo amadola ayikhulu. Awu, manje, ubuyoma lapho ngenhlonipho, ulindele ukuwemukela.

<sup>167</sup> Khona-ke lapho ngikunikeza lawomadola ayikhulu, ungavele umemeze kakhulu njengoba ubufuna. Unamadola ayikhulu esandleni sakho. Niyabo?

<sup>168</sup> Manje, kodwa, uma uza, uza ngezinhlonipho. Ungezi, umemeza, bese ungenicela amadola ayikhulu; ngingahle ngingakuqondi. Niyabo? Kodwa uyeza, ungicele. Bese kuthi-ke uma ngikunika amadola ayikhulu, bese uqala ukumemeza. Ngakho lapho. . .

<sup>169</sup> Masize kuNkulunkulu futhi siMcele ukuba ahambise uMoya waKhe oNgcwele, ngaphakathi kwezindonga noma

ngaphandle kwezindonga, noma ngabe kukuphi. Angikhathali ukuthi umi kuphi. Noma ngabe kukuphi, anginandaba. Uma kungaphesheya kwezwe, futhi ukhulekela umuntu othize, UzoKuhambisa. Futhi ake sibuke nje.

<sup>170</sup> UNkulunkulu wathi, “Ngilingeni.” Leyo yindlela enhle yokufakazisa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, noma qha. “Ngilingeni,” kusho iNkosi.

<sup>171</sup> Manje, uma EnguNkulunkulu, khona-ke, futhi siyazi ukuthi Unguye, asiMcele ukuthi enze izinto lapha, kulobubusuku, lezo Azenza, futhi khona-ke angeke nidingeke ukuba nize lapha. Futhi uma sekwenziwe, okungenani abantu abathathu abehlukene, ukunqamula esakhiweni, uma Kwenzeka, uma Kugadla kubantu engibaziyo, a—angifuni ukukwamukela lokho njengokukodwa, niyabo, ngifuna Khona ukuba, kumuntu engingamazi.

<sup>172</sup> Manje, ngokwazi izifo, munye kuphela umuntu phakathi lapha, engimaziyo, wanoma yisiphi isifo; futhi lokho akusiso isifo. Lowo ngowami nomuhle, nomnene, umngani omncane, u-Edith Wright, ohlezi emuva lapho. Ngiyamazi. Usehlupheke iminyaka. Samkhulekela, futhi akakaze... Aphume ebuhlungwini ngaleyonkathi, sekube isikhathi eside. Kodwa iNkosi ayikaze iyikhulule intombazane ekuhluphekeni kwayo. Ngiyazi ukuthi yini engalungile ngo-Edith. Ngaphandle kwalokho, angazi muntu phakathi lapha, ukuthi sifo sini onaso.

<sup>173</sup> Kodwa uma ungazi, khona-ke ngi—ngingancamela ukuthi kube njalo, ukuze uzobona ukuthi akusimina, leyo yiNkosi.

Manje khulekani. Ngizokhuleka. Futhi asiyikholwe nje iNkosi.

<sup>174</sup> Futhi manje, Dadewethu Gertie, phansi nje njengoba ungenza, ngifuna udlale, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.”

<sup>175</sup> Ngibuka ngaleya lapha kuMfowethu Banks Wood, umngani wami. Noma ngubani uyazi, owazi uMfowethu Wood lapha etabernakele, umgumunye wabaphatheli lapha. Kodwa ekuqaleni wayenguFakazi kaJehova. Impela lokhu kwakuyinto kuye, kodwa, ngenkathi efika eLouisville futhi ebone iNkosi yenza okuthile... Wayenomfana okhubazekile, uhlobo oluthile lwesifo esigoga izitho zomzimba kubantwana sasidonsele phezu umlenze wakhe. Futhi walandela imihlangano. Ngangingazi. Angikaze ngizwe ngaye. Kodwa ngenkathi ekhuphukela lapha e...Kwenye indawo, ngibuya phesheya kwezilwandle, ngivela eSweden, ngihlezi emuva le esakhiweni, ngalobobusuku, iNkosi uJesu yabiza kulowomfana, uDavid, futhi yamphilisa. Futhi namhlanje, umfana kunzima ukuthi azi ukuthi yimuphi umlenze okwakuyiwo, aphiliswa kuwo. Niyabo?

O, amakhulu ezinto! Uma nje ukholwa!

<sup>176</sup> Manje, esinye isikhathi engingacabanga ngaso, futhi ngakucela ngempela lokho. Ngiyakhumbula, kwaku . . . Ngibona abantu abangama-Amish, ngiyakholwa, noma amaMennonite, oyedwa, esakhiweni, namanenekazi amancane efake amakepisi awo amancane. Yilokho okungibangele ukuba ngicabange lokho. NgangiseFort Wayne, e-Indiana. Futhi kwakukhona intombazane encane engumMennonite eyayemukele uMoya oNgwele. Noma, kungenzeka ukuthi kwakungum-Amish. Kwakungenye yalabo, omunye walabobantu, kungaba amaMennonite noma ama-Amish. Futhi yayi—yintombazane ethandekayo. Futhi yayidlala, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.”

<sup>177</sup> Futhi kwakukhona i—ingane encane eyayilethwe ezingalweni zami, eyayikhubazekile. Futhi ngenkathi ngikhuleka, ingane encane yaphulukiswa. Yavele yagxuma yaphuma ezingalweni zami futhi yagijima yehla emsamo. Nomama waquleka.

<sup>178</sup> Futhi intombazane engum-Amish noma yamaMennonite yayilazi inenekazi. Futhi yona . . . UMoya oNgwele wayishaya futhi yaqala ukumemeza. Futhi yaphakamisa izandla zayo futhi yagijima yasuka opiyaneni.

<sup>179</sup> Futhi upiyano alukaze lugeje inothi, ludlala, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.” Behla ngalezozikhala zezihlalo, bevela kuyo yonke indawo, abantu babenqwabelana komunye nomunye. Futhi lawomabhathini ezinyo lendlovu ehla enyuka, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.” Futhi bona belele kwiphansi, ezikhaleni zezihlalo, benqoba ngo—ngovalo, noma, ngo, noma, ubukhona bukaMoya oNgwele.

Usaphila. UsenguJesu.

<sup>180</sup> Manje asihamishe ngokuthula nje lelo umzuzu nje. Khona-ke thina . . .khona-ke sizobona ukuthi iNkosi ithini. Wonke umuntu manje zihlele ekukholweni. Qalani ukubuka ngalendlela, futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu.

INyanga enkulu manje iseduze,

<sup>181</sup> Nkosi Jesu, ngiyakhuleka ukuthi Uzokwembula okukulezizinhliziyo. NgeGama likaJesu.

. . . inhliziyo zenanela ngokujabula,  
O, yizwani iPhimbo likaJesu.

Nothi elimnandi kunawo onke eculweni  
lamaserafi,  
Gama elimnandi . . .

<sup>182</sup> Manje nina bantu abagulayo qalani nje ukukhipha konke ukungabaza. Abaningi benu abakaze bakubone lokhu ngaphambilini. Thanini, “Ngiyakukholwa, noma kanjani.”

Jesu, Jesu oligugu.

183 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *INyanga Enkulu*, futhi-ke uyama imizuwana engamashumi amathathu—Umhl.]

184 Ngiyethemba ukuthi angishisekeli ngokweqile. Kodwa kubonakala nje kimi manje njengokuthi ngingena egumbini lami, ngidonsa umnyango ngiyawuhlanganisa, ngingene ekamelwaneni eliyimfihlo futhi ngivale iminyango. Ngisanda kuvalela zonke izethameli kuyo yonke indawo ngalapha manje, niyabo. “Futhi ukhuleke kuBaba obona ekusithekeni, futhi Lowo obona ekusithekeni uyonivuza obala. Cela, futhi uyakuphiwa; funani, niyofumana; ngqongqothani, kuzovulwa; ngokuba wonke umuntu ofunayo uyafumana.”

185 Mcabangeni lapha manje. Lokho enikubonayo esithombeni lapho, ukuKhanya, iNdingilizi, aKukude. Kungumahluleli wemicabango. NguKristu. “Kuseyisikhashana... Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngizobuyela kuNkulunkulu.” Wakwenza. Wabuyela ngqo emuva kulokho Ayeyikho. Lapho Ebuya futhi, Uzoba semzimbeni wenyama njengoba Wayenjalo, iNkosi uJesu.

186 Ungahle uthi, “Mfowethu Branham, wenzani na?” Ngiyazinikela nje qobo lwami. Manje lokho... Ngimi lapha nje.

187 Lokhu akusiwo umbukiso manje. Qhabo, mnumzane. Ningakucabangi lokho, nizoba semihlabathini emibi.

188 Ngukuzama, ukuzama ukucindezelela ukungena endaweni ethile. Izwi likaNkulunkulu lisengozini. Ngishilo ukuthi Wayenguye. Ukuba ke beLingenjalo na? Uhlala njalo eligcina izwi laKhe. Angikwesabi lokho.

189 Othile, ndawo ndawo, uzoshaya lowomphetho wengubo yaKhe. IBhayibheli lathi, “Unguye manje,” khona manje, “umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.”

190 Uyangibuka ngobuqotho impela, nenekazi, uhlezi lapho ugqoke leyongubo eluhlaza-sibhakabhaka. Angikwazi wena, angikholwa. Angibonakali ngithola ukuxhumana noma kuphi nokukholwa komuntu othile. Mhlawumbe bekungasiza. Unesidingo sikaNkulunkulu na? Uma ngiyisihambi kuwe, phakamisa isandla sakho. [Udade uthi, “Angicabangi ukuthi uyangazi, Mfowethu Branham, kodwa ngiyakwazi.”—Umhl.] Angikwazi, kodwa wena uyangazi. Kulungile. Anginalwazi ukuthi yini oyizele lapha. Angikaze ngikubone empilweni yami, njengoba ngazi. Mhlawumpe kade usemhlenganweni wami ndawo ndawo. Uma iNkosi uJesu izongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, ubungakukholwa na? Uzofanele ukukholwe uma kuyiqiniso. Futhi mhlawumbe lokho kuzonikeza ukukholwa kwabanye, ukuba kuye ekusebenzeni, niyabo. Angazi. Ngikubonile nje uhleli lapho ungibuka. Awuzange ususe amehlo akho kimi. Usondele.

191 Lona wesifazane ohlezi ngaphambili lapha, ngiyamazi. Lababantu *lapha*, ngiyazi.

192 Bengingacabangi ukuthi ngiyakwazi. Angikwazi, kodwa Yena uyakwazi. Futhi uma unesidingo, njengoba nje ubukade umile lapha emsamo.

193 Yebo. Manje noma ngubani angabona. Ngiyethemba ningabona. Kubukeka kimi, ukuthi, owesifazane uyafiphala ngempela. Kodwa unokuthile okunye okungalungile. Unesifo sesikhumba. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Kusemzimbeni wakhe ongakhombisi, kepha unaso. Kunjalo. Niyabo, ukuxhumana nje.

194 Ngenkathi, “Wathi, ‘Sibheke.’ Futhi ngenkathi besamgqolozele, uPawulu wathi, ‘Ngiyabona ukuthi unokukholwa ukuba uphulukiswe.’”

195 Kuthiwani ngenenekazi elincane elihlezi eceleni kwakho na? Kuthi akube wuhlobo lokubhobokela esithiyweni, kuye, ngoba ubekhuleka naye. Angikwazi. Siyizihambi omunye komunye. Kunjalo. Uma uMoya oNgcwele uzokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho noma ukuthi uzele ini lapha, noma into ethize empilweni yakho owaziyo ukuthi angiyazi, uzokholwa ukuthi nga . . . ukuthi lawoMandla, aMandla awumfutho angabonakali, avela kuKristu na? Ngifuna ukukubuza okuthile. Khona manje, unomuzwa kuwe, omnandi ngempela, omnene, umuzwa othobileyo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Yilokho-ke. Ngaphezulu kwakho ngqo kumi lokho kuKhanya. Futhi uphethwe yinkathazo esuka ezinyaweni nasemilenzeni yakho. Kunjalo. Akunjalo na? Vayizelisa leloduku kubantu, uma kunjalo, ukuze bezobona. Angicabangi ukuthi uyophinde ukhathazeke ngakho futhi. Lokho ngukuthi . . .

196 Yini eyenza lokho na? Yini . . . Kunabantu engingakaze ngibabone empilweni yami. Yini ekwenzayo na? Lokho kubili.

197 Kunensizwa ehlezi eceleni kowesifazane ngqo, khona lapho manje. Futhi iqale ukukhala izinyembezi masinyane nje lapho Lokho kushaya. Kuyinto ethize enye mayelana nalowo wesifazane . . . Qhobo. Yinsizwa, qobo lwayo. Ikhathazwa umphimbo wayo nekhandla. Kunjalo. Ngikholwa ukuthi uyisihambi kimi, nsizwa. Angikaze ngikubone. Kunjalo. Kunjalo. Kunjalo, phakamisa izandla zakho.

198 Kunabantu abathathu, abahleli ohlwini. Angikaze ngibone, akukho kuxhumana, empilweni yami, kulabobantu. Nizokholwa na?

199 Omunye umuntu ngakulendlela manje, ophakathi *lapha*. Bangaki abagulayo nabadingayo, ngakulendlela na? Phakamisani izandla zenu, wonke umuntu ngakulendlela, odingayo. O, nje kundawo zonke. Kulungile. Manje qhubekani nje nikhholwa.

200 Indoda ehlezi, ingibuka, ufanele uthole uKristu noma ufe. Umdlavuzwa uzokubulala. UNkulunkulu ungumphilisi.

201 Lelinenekazi elikhulile elihlezi *lapha*, khona lapha esihlalweni. Lihlushwa yinkathazo yesisu nesifo samathambo. Lokho kuqinisile. Uyakholwa ukuthi sekwenziwe na?

202 Uyamqalaza. Uyakholwa na? Unesidingo sikaKristu na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Lesosimila ofuna sikhishwe, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza na? Angisiboni isimila, kodwa silapho. Sisentanyeni yakho, ngemuva. Mhlawumbe uma ngikutshela ukuthi igama lakho unguNkosazana. Welsh, ubungangikholwa khona-ke na? Ngabe kunjalo na? Kunjalo. Akunjalo na? [Udade uthi, “Yebo, kunjalo.”—Umhl.] Kulungile. Angikaze ngikubone empilweni yami. Uyakwazi lokho. E-hhe. Unokukholwa kuNkulunkulu.

203 Kunophawu lokufa phezu kowesifazane omncane ohlezi lapho, umdlavuza, futhi. Uyakholwa, nenekazi, ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa na? Uphethwe ngumdlavuza. Yithunzi elimnyama elilenga phezu kwakho. Ngiyakutshela manje, sekuhambile, uma uzokholwa.

204 Angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone empilweni yami. Angazi nayimuphi walababantu, ngokwazi kwami. Uzokholwa na?

205 Ngibuka indoda. Angicabangi ukuthi ngake ngayibona phambilini, empilweni yami. Iphethwe yisibhono. Uyakholwa ukuthi iNkosi izokuphilisa, mnumzane, ngaleso sibhono, ikusindise na? Unkosikazi wakho unokwethuka nobuthakathaka. Mfu. Reed, lelo yigama lakho. Angikwazi. Awusuye owakulelizwe, empeleni. Ungowase e-Ohio. Kunjalo. Uma kunjalo, sukuma. Sekuphelile konke manje, okwakho nomkakho, nobabili.

Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ungakholwa manje na?

206 Emuva le phansi kulomugqa, emuva ngakulendlela, awukuboni lokho kuKhanya okulenga khona lapho na? Ngowesifazane ophethwe ukutheleleka ngegeciwane, ezansi ngqo kulomugqa lapha. Awusuye owakulelidolobha. Ungowasendaweni ebizwa ngeColumbus, e-Indiana. Igama lakho ungu-Elisabeth. Uhlala emgwaqweni obizwa ngo-Ohio Street. Inombolo yakho u 1932 Ohio Street. Hamba, ukholwe. Kukushiyele manje. Yiba nokukholwa.

207 Futhi manje lowoMoya uyahamba. Uhamba ngalendlela, *ngapha*, uya endodeni. Futhi kungukuxhumana okuthile. Qhabo. Kuyi, isuka eColumbus. Futhi iphethwe yisimo seso nesilonda esisemathunjini. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokuphilisa, mnumzane, ikusindise na? Nomshana wakho omncane ohlezi phambi kwakho lapho, ingane kadadewenu, ibinohlobo oluthile lwesifo samathambo, futhi angeke sisadla manje. Kwenza uhlobo olufana nokulakanyana kukho. Uma

uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungasindiswa. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

208 Bangaki kini okholwayo manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

209 Ngibona elinye ithunzi lomdlavuza lihlezi lapho. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, dadewethu, kuzokwenziwa. Kunga...

210 Ngabe ukukholwa kwakho kudlulile kulowomugqa wokungabaza manje na? Bangaki okholwayo ukuthi ukukholwa kwenu kwedlule umugqa wokungabaza na? Phakamisa isandla sakho. Khona-ke yini esele ngaphandle kokugijima ukhululekile na? Sekuphele nya.

211 Lamantombazanyana ahleli lapha esihlalweni, ngiyanazi. Benginganazi kusukela izolo ebusuku, kodwa sengiyanazi manje. Ngizwe ngani, namuhla, ngomkami. Igama likamama wenu kwakunguFulkerson ngaphambi kokuba ashade. Futhi leso yisifo okungekho muntu owaziyo ngaso. Iminwe yenu ithola ukutheleleka nje, futhi nithola isifo segazi, esifana, noma okuthize ezandleni zenu, nento yokuqala uyazi, iminwe iyasuka, nokunye nokunye. Nobabili mantombazanyana. Ningamanenekazi amancane amahle amabili. Ngiyamazi umama wenu. Ugogo wenu waphulukiswa ngobunye ubusuku ngenkathi ngangiyе kuye, eminyakeni engamashumi amabili-nokuthize edlule, ene-TB. Kunjalo. UNkk. Fulkerson.

212 Nkulunkulu akamkhuze lowodeveli ovimbayo nina mantombazanyana amahle! Kwangathi aMandla avusa uJesu ethuneni, angayilahla leyonto, ingaphinde inikhathaze nhlobo. Ngisho lokho ngegunya leZwi likaNkulunkulu. Nifanele nimthukuthelele udeveli.

213 UNkulunkulu usinikeza ukunqoba. Sinakho khona manje. “Lokhu ukunqoba okunqoba izwe, ngisho ukukholwa kwakho.”

214 Nonke nina enikholwa ukuthi niphilisiwe ngaMandla aKhe, yimani ngezinyawo zenu futhi niMnike udumo, yonke indawo esakhiweni. Phakamisani izandla zenu manje futhi masiMdumise.

215 Ngiyabonga, Nkosi Jesu, ngamandla aKho aphulukisayo. “Lokhu ukukholwa okunqobayo. Lokhu kungukunqoba, ngisho ukukholwa kwethu.” Manje siyabamemezela ukuthi baphilisiwe, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Siphe khona, Nkosi.

*NgoMdumisa, Gertie. NgoMdumisa.*

216 Niwedlulile umugqa oyisithiyو na? [Ibandla liyajabula.—Umhl.]

Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;  
Mnikeni udumo, nonke nina bantu,  
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

Kulungile, woza nalo manje.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,  
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;  
Mnikeni udumo, nonke nina bantu,  
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

<sup>217</sup> Lalelani. Ngisakholwa namanje, bangane, ukuthi angeke nikhuphukele kuleyondawo. Angeke ngivumele udeveli anqobe loluhlobo lomhlangano. [UMfowethu Branham ungqongqoza epulpiti kane—Umhl.] Asikho isizathu sakho. IVangeli selishunyayeliwe, futhi uKristu ulapha ukukuqinisekisa. Udeveli ungumqambimanga. Nina, nonke, niphilise ngoJesu Kristu. Cindezelani niphume nalokho kukholwa lapho. Nakho la kukhona. Kungokwenu. Ungabe usantanta. Yiba ngogxilile eKalvari, bese uMnika udumo nenkazimulo. Mtshela ukuthi uyaMthakasele. Futhi wedlule lowomugqa ohlukanisayo, futhi uNkulunkulu uzokuphilisa futhi akusindise. Kusho ngempela. Ungaveli ukusho nje. Kusho ngokusuka enhliziyweni yakho, futhi uMnike udumo.

NgoMdumisa, (Ngokusuka enhliziyweni yakho manje, phezulu le!) NgoMdumisa,  
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;  
Mnikeni udumo, nonke nina bantu, (Mnikeni udumo!)  
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

<sup>218</sup> Hlobo luni lwebala na? Ibala lokungabaza. “Sengiphilisiwe manje. Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe. NgingoweNkosi. Izifo zami sezihambile. NgizoMdumisa. NgizoMdumisa. NgizoMnika inkazimulo. Ngizomeza ukunqoba. NgizoMtshela ukuthi ngiyaMthanda. NgiyaMkholwa. Ngikhululekile.” Haleluya!

. . . bantu,  
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,  
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;  
Mnikeni udumo, nonke nina bantu,  
Ngokuba iGazi laKhe lisuse . . . (Yilokho-ke.  
Labhobokela kulo!) . . . ibala ngalinye.

NgoMdumisa, ngi . . . (Haleluya! Haleluya!)  
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;  
Mnikeni udumo, nonke nina bantu,  
Ngokuba . . . (Yilokho-ke!) . . . lisuse onke  
amabala.

NgoMdumisa, (Ukugeza okuqhubekayo nje kweGazi!) . . . Yena,  
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;  
Mnikeni udumo, nonke nina bantu,  
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.



219 Udumo! Dumisani iNkosi! NiyaMthanda na? [Ibandla lidumisa iNkosi kakhulu—Umhl.] Mdumiseni! Mdumiseni! UKristu Okhazimulayo! Nkulunkulu okhazimulayo, ohlala ekhona njalo manje! UJehova uNkulunkulu weTestamente eLidala, okhona kulolusuku! “Imisebenzi yaKhe iyisimanga futhi iyamangalisa kanjani!” “Izibonakaliso zaKhe nezimangaliso sezedlule ukuthola.” O, kumangalisa kanjani! O, Uyakhazimula!

220 Bangaki kini abezwa uBukhona bukaNkulunkulu khona manje na? [Ibandla liyajabula kakhulu—Umhl.] Impela! Manje makuthi konke ukungabaza kushabalale kini. Niphilisiwe. Ngemivimbo yaKhe niphilisiwe. Sekuphelile. Dumisani futhi niMnike idumo!

221 UMoya oNgcwele, wehla nxazonke esakhiweni! INdingilizi yokuKhanya enkulu, izungeza indawo! Kumangalisa kanjani! SiMthanda kanjani!

Futhi lapho impi isiphelile, sizothwala umqhele!

Yebo, sizothwala umqhele! Yebo, sizothwala umqhele!

Futhi lapho impi isiphelile, sizothwala umqhele

EJerusalema elisha.

Sizothwala umqhele, sizothwala umqhele,  
Sizothwala umqhele okhanyayo  
nokhazimulayo.

Futhi lapho impi isiphelile, sizothwala umqhele

EJerusalema elisha.

Sizothwala umqhele, sizothwala umqhele,  
Sizothwala umqhele okhanyayo  
nokhazimulayo.

Futhi lapho impi isiphelile, sizothwala umqhele

EJerusalema elisha.

222 Lokhu yikho, ngombono wami, njengoMoya oNgcwele nje owehla ngoSuku lwePhentekoste, owangqabula izibopho.

223 Kwenzekile ngaqaphele nje, omile lapha emhlanganweni umfowethu wamaMennonite. E-Indianapolis, uyangena, futhi ubekade enesithuthwane eminingi, iminyaka eminingi. Futhi uMoya oNgcwele wambizela ngaphandle, emhlanganweni, ngikhohla ukuthi kwakulapho. Futhi akakaze abe nelumbo. INkosi uNkulunkulu yamphilisa futhi yamenza wapelela, wasinda; umshumayeli wamaMennonite.

224 O, aKamangalisi yini! Akekho owaziyo, kulabo abanambithe ubuhle baKhe, uyazi ukuthi Muhle kanjani!

<sup>225</sup> Manje, bangani, ngombono wami, lena yinkolo yakudala, lapho iNkosi uJesu Kristu ingena phakathi kwethu futhi isibusisa. Siyajabula kakhulu ukuthi ulapha. Ngiyakholwa ukuthi wonke umuntu oseBukhloneni bukaNkulunkulu unjalo, khona manje, uma ukukholwa kwakho kucwilise konke ukungabaza ngemuva, ukhululekile manje. Nje ungalokothi ubize noma yikuphi ukugula, kusukela manje kuqhubeke. Qhubeka. Unikele udaba lwakho kudokotela oyedwa; lunikele kuJesu manje. Ukuhlinzile futhi wasusa konke ukungabaza, ukuze ube nakho. INkosi ikubusise.

Ivangeli elidala,  
Futhi linganele mina du.

Ivangeli elidala,  
Ivangeli elidala,  
Ivangeli elidala,  
Futhi linganele mina du.

Lingenza ngithande wonk'umuntu,  
Lingenza ngithande wonk'umuntu,  
Lingenza ngithande wonk'umuntu,  
Futhi linganele mina du.

O, ivangeli elidala,  
Ivangeli elidala,  
Ivangeli elidala,  
Futhi linganele mina du.

. . .lapho ngifa,  
Lizokwenza lapho ngifa,  
Lizokwenza lapho ngifa,  
Futhi linganele mina du.

Ivangeli elidala,  
Ivangeli elidala,  
Ivangeli elidala,  
Futhi linganele mina du.



*UKUKHOLWA NGUKUNQOBA KWETHU* ZUL58-1004  
(Faith Is Our Victory)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngo-Oktoba 4, 1958, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, Indiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)